# Okuqukethwe

1. Ukuhlambulula Unembeza........................................................ 4
2. Ubulungiswa Bamanga Budinga Ukufa ........................................ 9
3. Khuluma nedwala ...................................................................... 17
4. Ithusi Negolide.......................................................................... 18
5. Igazi Ethempelini....................................................................... 20
6. Iphethini KaNkulunkulu Ngegazi ................................................ 23
7. Isikhathi sokuhlupheka kukaJakobe ............................................ 28
8. Ukuhlupheka kukaKrestu nesiphambano samanje ......................... 32
9. Ukuqonda uhlelo lwemihlatshelo ................................................ 34
10. Isibuko...................................................................................... 38
11. Imihlatshelo ephambhene.......................................................... 39
12. IPhasika kanye Nemithetho yase Sinayi ...................................... 42
13. INqama nembuzi........................................................................ 48
14. INchazelo Ngezimpondo ............................................................ 55
15. Ukubulala Ubutha ..................................................................... 69
16.Impi elethwe…yeziphambeko……………………………………………………74
17. Ukuhlanzwa Kwendawo Engcwele ............................................... 76
18. INtukuthelo Eyambhulwa yi-Enade............................................. 82

# 1. Ukuhlambulula Unembeza

Ingqikithi yendaba yevangeli yimfundiso ephathelene negazi likaJesu, namandla alo okusihlambulula ezonweni.

> Kepha uma sihamba ekukhanyeni, njengalokhu yena uqobo esekukhanyeni, khona sinenhlanganyelo omunye nomunye, **ngegazi likaJesu iNdodana yakhe liyasihlambulula ezonweni zethu.** 1 Johane 1:7

Kanti vele lisihlambulula njani ezonweni? Ukuhlanjululwa kuphathelene nokulungisiswa noma ukuqondiswa noNkulunkulu. Ivesi elilandelayo libaluleke kakhulu lihlanganisa igazi nokulungisiswa kwesoni ekwahlulelweni kukaNkulunkulu.

> Balungisisiwe ngesihle ngomusa wakhe ngokuhlengwa okukuKristu Jesu, ammisileyo uNkulunkulu abe yinhlawulo ngokukholwa egazini lakhe, kubonakaliswe ukulunga kwakhe ngokuyekelwa kwezono ezenziwe ngaphambili (26) ekubekezeleni kukaNkulunkulu, ukuba kubonakaliswe ukulunga kwakhe esikhathini samanje, ukuze yena abe ngumlungisi walowo okholwa nguJesu. KwabaseRoma 3:24,25,26

Lesishiqilelo siveza umcabango othi uNkulunkulu ulungisisa isoni, uma isoni sikholwa nguJesu nokuthi wachitha igazi lakhe esiphambanweni ukwenelisa ulaka lukaNkulunkulu. Umshumayeli odumile womkhrestu u*Charles Spurgeon* wayichaza ngalendlela.

> UKrestu, manje ngaphansi kwevangeli, uyinkokhelo yezono zethu. Kungenxa yegazi ukuba uNkulunkulu, okulunga kwakhe okungena mkhawulo, engaphikisi isimilo sakhe, ukwazi ukudlula iziphambeko zabanecala. Akunakwenzeka ukuba isici noma yisiphi sikaNkulunkulu sisithe noma sibeke isithunzi saso phezu kwesinye isici sakhe. Uphelele, umusa wakhe umi ingunaphakade, kodwa akakwazi ukwenza umusa ngaphandle

> kokulunga! Ukulunga kungehlule umusa! Umusa, nawo ngolunye uhlangathi ungehlephuli ingubo egelezayo yokulunga. **Kusemuntwini onguJesu, kakhulukazi egazini lakhe, lapho indikimba yeminyaka ithola isisombululo! UNkulunkulu uba ngolungileyo ngesikhathi esifanayo alungisise yilowo okholwa nguJesu. Sonile. UNkulunkulu kwamele ejezise isono. Ngokwemithetho emikhulu uNkulunkulu ayifakile kwimvelo nendalo yonke, isoni asikwazi kuhamba singajeziswanga.** – Charles Spurgeon, *The Precious Blood of Christ*

Pho lenkulumo yokulungisiswa isihlambulula njani isoni? Uyaqhubeka u-*Spurgeon*:

> Uma umuntu eza kuJesu Kristu ngokholo ezidela kuye, amazwi entethelelo ephelele ayaphuma kuNkulunkulu, uphefumulo uyahlanzwa ensileni yeminyaka! Ngesikhathi esisodwa nje labo ababemnyama njengesihogo baphenduka mhlophe okwezulu **ngenxa yokugcotshwa ngegazi - ngoba zonke izono ziyanyamalala ngesikhathi igazi liwela phezu kwengqondo! Lokho okwakungena kwenzeka ngegazi lezinkomo nezimbuzi, kwenzeka ngegazi likaJesu–lihlanza zonke izono!** – Ibid

U-*Ellen White* uletha ukukhanya lokhu ekwenzeka ngayo:

> **Uma isono sikhishwa ngegazi, umphefumulo uyancibilika ngenxa yothando lukaJesu, kanye nenzondo yesono.** Ukuphenduka esenzweni esithile akwanele. **Inhliziyo kwamele ihlanjululwe. Ukwenza okubi kuyimphumela nokugeleza komthombo wenhliziyo engahlanzekile nengaguqukanga.** { SpTB07 22.1 }

U-*Spurgeon* uyagqizelela ukuthi igazi eliwela phezu kwesazela, engikholelwa ukuthi uchaza ukuba uma sikholwa ukuthi uJesu waphalala igazi lakhe ukukhokhela inkokhelo yezono zethu, kanjalo sibamba intethelelo. UNkulunkulu usuka esithethelele. Kodwa ingabe leliqiniso elisobala

lisihlambulula esonweni? U-*Spurgeon* ukhuluma ngezono ezidlule hhayi ezisezakwenzeka ngakusasa.

U-*Ellen White* ukhuluma ngenhliziyo incibilika ngozwelo lothando lukaJesu, nenzondo yesono. Akhuluma ngakho u-Ellen White yizenzo ezenzeka enhliziyweni yomuntu. Ukuhlanjululwa kungaphezu kokwamukela intethelelo, kubiza nothando lukaJesu kanye nenzondo yesono. Ngaphandle kwalokhu, akuna kwenzeka ukuba sihlanjululwe ezonweni ezingekayenzeki.

Ebusheni bami ngaba namava afanayo. Ngangicabanga ngokuhlupheka kukaKrestu esiphambanweni ngenxa yami, inhliziyo yami yancibilika ngemicabango yothando lwakhe aze angihluphekele. Umthwalo wezono zami wasuswa ngokubheka kuJesu. Ngokukholwa kuKristu unembeza wami wahlanjululwa kukho konke ukungalungi. Ngabanesiqiniseko sokuxolelwa kwezono zonke. Inhliziyo yami yaguqulwa. Ngaphenduka. Ngakholwa ukuba uNkulunkulu ungamukele. Ngakholwa ukuba ngingakwazi ukukhuluma naye kunokuthi ngizifihle kuye ngipitshwa ngamacala ami.

Kuyintokozo ukuhamba ekukhanyeni kothando lukaNkulunkulu ngayo iNkosi yethu uJesu Kristu. Intokozo nesimanga salamava igoqelwe kahle emazwini wehubo elesingesi elithi, *Here is love, vast as the ocean*.

*Here is love, vast as the ocean,*
*lovingkindness as the flood:*
*when the Prince of Life, our Ransom,*
*shed for us His precious blood.*
*Who His love will not remember?*
*Who can cease to sing His praise?*
*He can never be forgotten*
*throughout heav'n's eternal days.*

*On the mount of crucifixion*
*fountains opened deep and wide;*
*through the floodgates of God's mercy*
*flowed a vast and gracious tide.*

*Grace and love, like mighty rivers,*
*poured incessant from above,*
*and heav'n's peace and perfect justice*
*kissed a guilty world in love.*

Ngabanokuthula okungena kulinganiswa, ngalangazelela uJesu isikhathi sonke. Ngafisa ukubamba isindla sakhe njalo, ukuze ngihambe naye kulelizwe elimnyama. Izwi lakhe laphenduka ukudla komphefumulo wami ngaqala ukukhula emoyeni. Ngazonda indlela engangiphila ngayo. Ngawophula amarekhodi omculo enganginawo, ngaguqula nokudla engangikudla. Ngaya ebantwini engangibenzele amaphutha ngacela intethelelo, ngaqondisa engangingakwenzanga kahle ngawo wonke amandla ami.

Indlela yami yokukhuluma yaguquka, izinto engangithanda ukuzenza nazo zaguquka, izihlabo zami zaguquka, konke lokhu kwenzeka ngenxa yesipho esithenjiswe bonke abamukela uKrestu. Inhliziya yami *yayi*-hlanjululwa.

> UPetru wayesithi: "Phendukani, yilowo nalowo abhapathizwe egameni likaJesu Kristu kukho ukuthethelelwa kwezono zenu; khona niyakwamukeliswa isiphiwo sikaMoya oNgcwele. Izenzo 2:38

Lana sibona ukuhlangana kokuhlanjululwa konembeza okwaqala ngegazi eliphathekayo likaKrestu elageleza emthini, eliholela ekuhlanzeni kwenhliziyo ngoMoya kaKristu. Igazi eliphathekayo liyasikhulula ezonweni ezidlule kodwa uMoya yiwona osihlambulula ezonweni zanamhlanje (manje) kanye nasezonweni zakusasa, uphinde usilungisele ikusasa lethu emhlabeni nezulwini elisha.

Lendlela ehlukana kabili ibalulekile ekuqondeni indlela izithembiso zesivumelwano esisha ezigcwaliseka ngayo esonini.

> Ngokuba yilesi esiyisivumelwano engiyakusenza nendlu ka-Israyeli emva kwalezo zinsuku, isho iNkosi: ngiyakufaka imithetho yami engqondweni yabo, ngiyilobe ezinhliziyweni zabo, ngibe

> nguNkulunkulu wabo, bona babe ngabantu bami. KumaHeberu 8:10

U-*Phawule* uyaqaphuna encwadini kaJeremiya.

> “Bheka, izinsuku ziyeza,” usho uJehova, “lapho ngiyakwenza isivumelwano esisha nendlu ka-Israyeli nendlu kaJuda, kungenjengesivumelwano engasenzayo nawoyise mhla ngibabamba ngesandla ukubakhipha ezweni laseGibhithe, isivumelwano sami abasiphula noma ngangiyinkosi yabo,” usho uJehova. “Kepha yilesi esiyisivumelwano engizakusenza nendlu ka-Israyeli emva kwalezo zinsuku,” usho uJehova: “**ngiyakufaka umthetho wami ezibilinini zabo, ngiwulobe ezinhliziyweni zabo, ngibe nguNkulunkulu wabo, bona babe ngabantu bami**; abasayikufundisana, kube yilowo nalowo umakhelwane wakhe, kube yilowo nalowo umfowabo, ngokuthi: ‘Yazi uJehova,’ ngokuba bonke bayakungazi, kusukela kwabancane kuya kwabakhulu babo,” usho uJehova, ngokuba **ngiyakuthethelela ububi babo, nesono sabo angisayikusikhumbula.**" uJeremiya 31:33-34

UNkulunkulu akagcini ngokuxolela izono zethu, kepha ubuye elobe imithetho yakhe ezingqondweni zethu, asuse kuthina ububi bethu.

Ngakho kunobudlelwano obusondelene kakhulu phakathi kokuchithwa kwegazi likaKrestu kanye nokusihlambulula emthwalweni wezono ngokuthethelelwa okulandelana nesipho somoya ovele uqale ukusihlambulula ebubini bethu.

> Ngokuba uma igazi lezimbuzi nelezinkunzi nomlotha wesethole kufafaza abangcolileyo, kuhlambulula kube ngukuhlanzeka kwenyama, **kakhulu kangakanani [1] igazi likaKrestu owazinikela kuNkulunkulu [2] ngoMoya ophakade engenacala lizakuhlanza unembeza wethu emisebenzini efileyo**, ukuze sikhonze uNkulunkulu ophilayo? KumaHeberu 9:13,14

Siqonda ukuthi lana uPhawule ukhuluma ngegazi eliphathekayo likaKristu ngoba eqathanisa leligazi negazi lezimbuzi nezinkomo. Igazi likaKristu linamandla okuhlambulula unembeza wethu emisebenzini efileyo, kodwa lokhu kwenziwa nguMoya ophakade.

Ngesikhathi isoni sibheka isimo esifayo sikaJesu esiphambanweni, sibona igazi lakhe, uMoya kaKrestu ukhumbuza isoni ukuba uNkulunkulu uyasithethelela. Lokhu kuboniselwa yiqiniso elithi ngesikhathi uKrestu esifa, egwazwa lisoja, kwavela imifula embili ohlangothini lwakhe, igazi namanzi.

> Kodwa elinye lamabutho lamgwaza ohlangothini ngomkhonto, kwaphuma masinyane igazi namanzi. Johane 19:34

## 2. Ubulungiswa Bamanga Budinga Ukufa

Ukuhlanzwa komphefumulo kugoqelela izinyathelo ezimbili phakathi kwegazi likaKrestu kanye nomoya kaKrestu. Kodwa kubalulekile ukuqonda ukuthi uNkulunkulu akuyena owafuna igazi ngoba sifunda ukuthi:

> Umhlatshelo nomnikelo wokudla awuwuthandi; izindlebe zami uzibhobozile; umnikelo wokushiswa nomnikelo wesono awuwubizi. Amahubo 40:6

UNkulunkulu akagcinanga ngokungafuni igazi lezinkunzi nezimbuzi kuphela, kodwa akafunanga gazi lendodana yakhe.

> UJesu wayesethi kuye: “Izimpungushe zinemigodi, nezinyoni zezulu zinezidleke, kepha iNdodana yomuntu kayinandawo, lapho ingagcamelisa khona ikhanda.”
>
> **Iminyaka engamakhulu amane ngaphambilini, izwi elingajwayelekile nelinesisindo esiphakeme lazwakala esihlalweni sikaNkulunkulu: “Umhlatshelo nomnikelo wokudla awuwuthandi; izindlebe zami uzibhobozile; umnikelo wokushiswa nomnikelo wesono awuwubizi.** Ngasengithi bheka

ngiyeza: emqulwini wencwadi kulotshiwe ngami, ngiyathanda ukwenza intando yakho Nkulunkulu wami, yebo, umthetho wakho usenhliziweni yami." UKrestu ekuxoxeni kwakhe noBaba wavula uhlelo lwempilo yakhe la emhlabeni. Bekungesiyo inhlahla, kodwa bekungohlelo ukuthi umhlengi womhlaba abeke phansi umqhele wakhe, abeke phansi ingubo yakhe yobukhosi, bese eza emhlabeni njengomuntu. Waqgokisa ubuNkulunkulu bakhe ngobuntu, ukuze azoma ekhanda lomndeni wabantu, Ubuntu bakhe buxubene nobuntu besizwe esiwile ngenxa yokuwa kokungalaleli kuka-Adama – Southern Work 85

Umuntu uyakholwa ukuthi ubulungiswa bukaNkulunkulu bubiza noma bufuna ukufa [kwesoni]. Kodwa lomqondo uvela kuSathane.

Amandla kaSathane okugxeka amuholela ekutheni asungule imfundiso yobulungiswa obungahambisani nomusa. Uzisho yena ukuthi uyizwi namandla kaNkulunkulu, uthi izinqumo zakhe zinobulungiswa, zihlanzekile futhi azinaphutha. Ngaleyo ndlela uthatha isikhundla esihlalweni sokuhlulela bese eyasho ukuthi izeluleko zakhe azinaphutha. **Nabu ubulungiswa obungena musa, obuyibutha nenzondo kuNkulunkulu**. Christ Triumphant 11.4

Ekuvulweni kwempi enkulu, USathane wathi umthetho kaNkulunkulu awugcineki, nokuthi ubulungiswa abuhambisani nomusa, nokuthi uma umthetho ungaphulwa isoni ngeke sithole ukuxolelwa. **Isono kufuneka sihlangatshezwe ngesigwebo, kusho uSathane**; futhi uma uNkulunkulu engasusa isigwebo sesono, uzobe engasiye uNkulunkulu weqiniso kanye nobulungiswa. Desire of Ages 761.4

Bekunzima kakhulu ukuveza obala amandla kaSathane okukhohlisa. Amandla akhe okukhohlisa abelokhu ekhula uma elokhu ewasebenzisa. Uma engakwazi ukuzivikela kumele asole omunye, ukuze ezovela enobulungiswa futhi elungile, **futhi ufuna ukuveza uNkulunkulu ewumuntu onentando engaphikiswa.**

> **Ekusithekeni wahlebela izingelosi ukungagculiseki kwakhe** o**kubanga imizwa eshiwoyo ephikisana noNkulunkulu, kodwa imbewu ibisitshalekile, futhi uthando kanye nokuthula kwezingelosi kwaphazamiseka. Ukukhuluma okumnandi phakathi kukaNkulunkulu nezingelosi kwanqamuka. Izinyathelo zazibhekiwe; zonke izenzo zazibheka ngendlela uSathane ayefuna ukuthi bazibheke ngazo**. Lokho uSathane ayekufake ezingqondweni zezingelosi, izwi lapho nalapho, konke lokho kwavula indlela yokuqala ukusola. Ngendlela enobuqili wenza ukuthi zikhulume ukungabaza. Uma esebuzisiswa, usesola labo akade ebafundisa yena. Wabeka konke ukungathokozi kulabo abaholayo. **Njengosesikhundleni esingcwele, waveza umoya ocindezelayo okufuna ukwenza ubulungiswa, kodwa kwakungubulungiswa mbumbulu, okwakuhlukile othandweni lukaNkulunkulu Kanye nesihe nomusa.** {*Review and Herald*, September 7, 1897 par. 3-4}

Lemibono ngobulungiswa yathathwa yizwe lonke, ngesikhathi u-Adamu ewela esonweni. Ingqondo yakhe yaphuphuthekiswa imibono kaSathane yobulungiswa.

> Umkhohlisi omkhulu **okwathi ngamanga awakhile maqondana nohulumeni kaNkulunkulu, kwabangela ukuwa komuntu** owathi ngalokho walahlekelwa ukuba owombuso kaNkulunkulu. USathane wanqaba ukudedela abathunjwa bakhe ukuthi behambe. **Wa ba bamba njengabakhe ngoba bethe bakholwa amanga akhe.** {Lt20-1903.11,12}

Ukusetshenziswa kolimi "ngamanga akhelwe ukumelana nokubusa kukaNkulunkulu" kusiholela encwadini yamaHubo.

> Isihlalo sobubi singahlanganyela nawe yini, leso esisebenza okubi kungathi ngomthetho na? Amahubo 94:20

USathane wenza ukuthi u-Adamu akholwe ukuthi uma uphule umthetho uzojeziswa ngokufa. Ngobuqili, uSathane wathatha iqiniso elithi umphumela wemvelo wokwenza isono ukufa, wakuphendula amanga athi ubulungiswa bukaNkulunkulu bubiza ukufa kanti futhi yibona obuzobulala isoni. Lesi sono esimelene nesimilo sikaNkulunkulu sadlulela kubantu bonke, ngaleyo ndlela bonke abantu bonile ngokukholwa ukuthi ubulungiswa bukaNkulunkulu yibona obubiza nobudinga ukufa.

> Ngakho-ke njengalokho isono sangena ezweni ngamuntu munye, nangesono kwangena ukufa, ngokunjalo ukufa kwafikela abantu bonke, lokhu bonke bonile—Roma 5:12

Ukufa kwadlulela kubantu bonke, ngoba baqhubeka esonweni sokusola uNkulunkulu nesimilo sakhe ngokungesikho, ngobulunguiswa obavela ngoSathane.

> UKrestu wabuka umhlaba wethu phambi kokuza kuwo, wabona amandla kaSathane ukuthi asebenza kangakanani emndenini wabantu. Futhi ngenxa yokona kuka-Adamu wabe esethi uluntu lonke lungolwakhe. Wakhomba izinhlekelele nezifo wathi zenziwe uNkulunkulu. **Wathi uNkulunkulu akayikubanomusa kubo ngakho kungcono balawulwe uyena**. {Ms16-1893.2-3}

Kanjalo-ke uluntu lubambekile emangeni asuka ngoSathane ukuthi ubulungiswa bakhe bubiza ukufa.

> **Umsebenzi kaKrestu emhlabeni wakwenza kwabasobala ukuthi uluntu lumi ngaphansi kobulungiswa obungenanqondo**, futhi lusemnceleni wokubhubha okuphakade, ekungakwazini ukuzisiza nasekungazini. {ST, February 5, 1894 par. 5}

Phansi kwalobulungiswa obungenanqondo nobuthukuthele, umuntu wayedinga umhlatshelo wesono; umuntu ubedinga igazi longcwele ukuthi likhulule ingqondo yakhe esebumnyameni bomcabango wokuthi uphansi kokulahlwa uNkulunkulu; umuntu ubedinga umphristi ukuthi emuhambisele leligazi kuNkulunkulu ukuze kuthotshiswe intukuthelo yakhe.

> **Ubulungiswa bekungafuni kuphela isono ukuthi sixolelwe; kodwa bekufuna ukufa ukuze kuhlangatsezwe inkokhelo yaso**. **Umsindisi wakhokha konke lokho**. Umzimba wakhe ophukile,igazi lakhe elaphophoma, lagcwalisa izimfuno zomthetho. Ngaleyondlela wavala igebe phakathi kwezulu nomhlaba. Wahlupheka enyameni ukuze ingubo yakhe yokulunga imbhoze isoni esingakwazi ukuzivikela. Youth Instructor April 16, 1903, par. 6
>
> **Umthetho obuphuliwe ububiza impilo yesoni**. Emhlabeni wonke ubeyedwa kuphela obengakhokhela umuntu isijeziso sawo. Njengoba umthetho ungcwele njengoNkulunkulu uqobo lwakhe, yilowow kuphela omunye noNkulunkulu obengakhokhela ukwephulwa kwawo. Akekho omunye ngaphandle kukaKrestu obenga hlenga umuntu owile esqalekisweni somthetho bese emuletha ekuzwaneni neZulu. UKrestu uzothatha phezu kwakhe icala nehlazo lesono, isono esinyanyekayo kuNkulunkulu ongcwele esenze ukuthi ahlukane neNdodana yakhe. UKrestu uzofinyelela ekujuleni kokuhlupheka ukuze ezohlanga umuntu ekubhubheni. Patriarchs and Prophets 63.2

Qaphelisisa ukuthi akusiwo umthetho kaNkulunkulu obiza ukufa kwesoni kodwa umthetho *ophuliwe*. Umthetho uyisisekelo sesimilo sika Nkulunkulu, kanti ngesikhathi umuntu ethatha umqondo kaSathane wokuthi uNkulunkulu ufuna ubiza ukufa esikhundleni sesoni, lokhu kophula umthetho wesimilo sikaNkulunkulu. Amanga akhiwa uSathane ukuze abambe izingelosi kanye nabantu. Akusiwo umthetho ongcwele obiza nofuna ukufa, ngoba uNkulunkulu akasiye umsunguli nomlobi wokufa, kodwa umqondo womuntu wabona kanjalo emveni kokuba onile wawuphula.

Isono sika Adamu sisuka ngqo emqondweni ongalungile wokuthi uNkulunkulu uzozombulala yena nonkosikazi wakhe ngokudla isithelo. Umcabango onjalo uphambene nesimilo sikaNkulunkulu ngaleyondlela uphambene nomthetho wakhe. Kuyisono ukukholwa ukuthi uNkulunkulu ungumsunguli nomsuka

wokufa. Umthetho ophuliwe ubiza ukufa ngoba umuntu ufake umqondo wakhe emthethweni kaNkulunkulu. Kodwa ukufa kungumphumela wemvelo wokulahla iqiniso ngesimilo sikaNkulunkulu.

Njengesibonelo uSathane wakhohlisa ingxenye yesithathu yezingelosi nabantu ukuthi uma uke wagxuma usuka entabeni yomthetho kaNkulunkulu, uNkunkulunkulu uzokushaya ngombani usabheke phansi ekujezisa, ngaleyondlela (uSathane) wayevala ukuthi isono sizikhokhela sona inkokhelo yaso nokuthi ukugxuma usentabeni ephakeme kuzoletha umphumela wemvelo ongukufa.

Lokhu kuyisiqalekiso somthetho. Usuwuphulile umthetho, ayisekho enye indlela yokuthola ukuhlengwa ngaphandle kokufa. Lokhu ngenxa yokuthi asikho isidalwa esizofisa ukuphula umthetho kaNkulunkulu ngaphandle kokuthi sikholwa ukuthi unokuthize kuye okungamanga.

Ukuze uNkulunkulu akhulule umuntu esiqalekisweni sobulungiswa obungesilo iqiniso, uvumele indodana yakhe ukuthi izogcwalisa indlela esibona ngayo ubulungiswa. UNkulunkulu wazifaka emqondweni wabantu omnyama ukuze abakhulule.

Uthando olumangalisa kanjani lolu! Uyekude kangakanai uNkulunkulu ukuze afinyelele kithi azosihlenga! Usiphe umhlatshelo ebesiwudinga. Usiphe iNdodana yakhe eyisithandwa sakhe wasivumela sayibulala, ukuze sizokholwe emuseni wakho futhi. Ngesiphambano, uKrestu ulethe ukubuyisana phakathi kobulungiswa bethu bamanga nomusa kaNkulunkulu!

> **Ubulungiswa nomusa bekungamile ndawonye, kumi ngezindlela eziphambhene, kuhlukaniswe ugeba elikhulu**. INkosi, umhlengi wethu, yagqokisa ubuNkulunkulu bayo ngobuntu, wasedala isimilo esingenabala nasici esidalela umuntu. Utshale isiphambhano sakhe phakathi kwezulu nomhlaba, wase wasenza umbukiso ofinyelela ndlela zonke**, ehlanganisa ubulungiswa nomusa**. <u>**Ubulungiswa basuka esihlalweni sabo esiphakeme, kanye namabutho ezulu**</u>

> **basondela eduze nesiphambano. Lapho (ubulungiswa) babona lowo owayelingana noNkulunkulu ethwele sonke isisijeziso sakho konke ukungalungi nesono. Ngokweneliseka okuphelele ubulungiswa bagobisa ikhanda ngokuzithoba esphambanweni, kwathi, "kwenele**." -- General Conference Bulletin, Fourth Quarter, 1899, vol. 3, p. 102.

Kunesilingo sokucabanga ukuthi uNkulunkulu uyilobulungiswa okukhulunywa ngabo lana obusuka esihlalweni sabo esiphakeme. Kodwa uNkulunkulu akagobeli muntu futhi akagobeli lutho. Qaphela lokhu ngolunye uhlangothi:

> USathane wanqaba ukukhulula abathunjwa bakhe. Wababamba njengabakhe ngenxa yokuthi bekholwa amanga akhe. **Ngaleyo ndlela waba ngumgciniziboshwa kubo. Kodwa ubengenalo ilungelo lokufuna inkokhelo esikhundleni sabo;** ngoba ubengabatholanga ngokusemthethweni, kodwa ubathole ngobuqili. UNkulunkulu kuwuyena okweletwayo, wayenalo ilungelo lokwenza umhlinzekelo wokuhlenga abantu. **Ubulungiswa bekubiza ukuthi kube nentengo ethize ezokhokhwa**. **Indodana kaNkulunkulu kuphela ebingakhokha lesikweletu.** Wazinikela ukuthi eze emhlabeni adlule lapho u-Adamu awa khona. {Lt20-1903.12,13}

Asiqhathanise lezinkulumo ezimbili esicaphunweni esingaphezulu:

USathane ubengenalo ilingelo lokufuna inkokhelo esikhundleni sabo,
ubulungiswa bafuna ukuthi kukhokhwe intengo ethize

USathane bekuwuyena owayefuna kukhokhelwe intengo ethile. Uma uqhubeka ushona ezansi kuthi ubulungiswa ibona obebufuna ukuthi kukhokhelwe intengo ethile. Ngokwale ndatshana, ubulungiswa buhambelana noSathane, hayi noNkulunkulu. Lokhu kusinika isiqiniseko ngohlelo lobulungiswa bukaSathane obuhlukanisa ubulungiswa emuseni

Igazi likaJesu kuphela ebelinga khulula umuntu emangeni kaSathane.

> …Ukuvula amehlo abo ukuba basuke ebumnyameni, baphendukele ekukhanyeni, basuke emandleni kaSathane, baphendukele kuNkulunkulu, ukuze bamukeliswe ukuthethelelwa kwezono nesabelo phakathi kwabangcweliswayo ngokukholwa kimi.' Izenzo 26:18

Asibheke omunye umcabango ohlobene nalokhu

> Yebo cishe zonke izinto zihlanjululwa ngegazi ngokomthetho; ngaphandle kokuchitheka kwegazi akukho ukuthethelelwa. Heberu 9:22

Kodwa umthetho kaMosi usivezelani kulesichaphuno ngegazi?

> Ngeskhathi uJesu engena ethempelini, wathatha isehlakalo sonke. Wabona ukungalungi konke okwakusenziwa. **Wabona ukukhathazeka kwabahluphekile, ababecabanga ukuthi ngaphandle kokuchitheka kwegazi akukho ukuthethelewa kwezono.** Wabona igceke lethempeli lenziwa indawo ekuphithizela okungengcwele. Indawo engcwele yenziwa indawo yokuhweba. Desire of Ages 157.2

Bekungabantu abebecabanga ukuthi umthetho udinga igazi. Lokhu kuyibufakazi obucacisa amanga adayiselwa abantu athi "sonke isono kumele sijeziswe."

Igazi eliyigugu likaJesu kuphela ebelingasikhulula kuloluhlelo lobulungiswa bamanga bukaSathane. Igazi likaJesu kuphela ebelingasihlanza izingqondo emangeni okuthi uNkulunkulu uyasilahla futhi uzosibhubhisa ngenxa yezono zethu. Igazi lika Krestu eliphathekayo lahlephula isiqalekiso somthetho esasilenga phezu kwethu.

# 3. Khuluma Nedwala

Kodwa umsebenzi wokufa kuka Krestu uwukuqala komsebenzi wokubuyisana. Igazi lika Krestu lisivulela umusa kaNkulunkulu ebulungisweni. Ukukwazi ukufika ekuzwaneni okuphelele noNkulunkulu, kufuneka siphindele ekutheni buhambha kanjani ubulungiswa

Ekufiseni ukususa u-Israyeli emqondweni wobulungiswa bamanga, uNkulunkulu usivezele isibonelo. Ekuqaleni kohambo lwabo, uMose watshelwa ukuba eshaye idwala ukuze enikeze abantu amanzi okuphuza. Idwala laliyisbonelo sikaKrestu, kanti amanzi ayengumfuziselo womoya kaNkulunkulu onikeza ukuphila ovela kuKrestu - oyidwala. Ukushaywa kwedwala bekungumfanekiso kaJesu eshawa esiphambanweni. Isifanekiselo lana siveza ubulungiswa bomuntu. Ukulapheka, ukuxolelwa kanye nokubuyiselwa bekungenzeka kuphela ngokujezisa noma ngokushaya lowo omela isoni.

Ekupheleni kohambo lwabo, uMosi watshelwa ukuthi akakhulume nedwala. Isifanekiselo sesiphambhano besingasadingeki kulesigameko. UNkulunkulu ubengabanika amanzi ngokuthi bamcele kuphela. Akukho sijeziso esasidingeka. Kodwa ubulungiswa obabukhona engqondweni kaMose babudinga isijeziso. Abantwana bakwa Israyeli bebengamphethe kahle uMose, behlezi bebubula bekhononda njalo.

Wezwa ubuhlungu ngokuthi abantu bengabi nokubonga kuNkulunkulu, kwathi ngokucashuka washaya idwala kabili.  Kuyinto enzima ukususa loluhlelo lobulungiswa obungalungile engqondweni zethu. Noma kunjalo sibona uNkulunkulu efaka imizamo yokuqala umsebenzi wokuhlanza abantu kulendlela engaqondile.

# 4. Ithusi Negolide

Umhlabeleli usitshela ukuthi indlela kaNkulunkulu isendlini engcwele (Amahubo 77:13). Isifanekiselo sempahla nezinto ezazisemagcekeni zazenziwe ngethusi uma iqathaniswa nefenisha nempahla engaphakathi kwendlu engcwele eyayenziwe ngegolide; ikhuluma ngenguquko ekucabangeni.


Ebhayibhelini ithusi ifanekiselwe nje ngento engenhle – liveza inhliziyo eqinileyo.

> Pho amandla ami angamandla amatshe yini? Inyama yami iyithusi na? Jobe 6:12
>
> Ngokuba bengazi ukuthi unenkani, nentamo yakho ingumsipha wensimbi, nebunzi lakho liyithusi. Isaya 48:4
>
> Bahlubukile bonke nokuhlubuka, behamba behleba, bayithusi nensimbi, bangabachithi bonke. Jeremiya 6:28
>
> Ndodana yomuntu, indlu yakwa Israyeli isingamanyala kimi; bonke babo bayithusi nethini, nensimbi nomthofu phakathi kwesithando; bangamanyala esiliva. Hezekeli 22:18

Ithusi lenziwe nge ntsimbi kanye nezenge umsunguli walo nguTubal-Cain, oyinzalo kaKhayini. Ithusi lenziwe umuntu futhi ukusetshenziswa kwalo e-Althari lomhlatshelo nasemcengezini kuveza ukuthi uNkulunkulu uphendula njani ekucabangeni komuntu.

I-althari lomnikelo lifanekisa umsebenzi kaKrestu esiphambanweni. Ukuthi lenziwe ngethusi kusitshela ukuthi isidingo somhlatshelo besivela emuntwini vele. Kweneliswa ubulungiswa boluntu obuyisithelo esivela kuSathane. UNkulunkulu emuseni wakhe omkhulu wanikela iNdodana yakhe ukuze kugcwaliseke intando yomuntu.

Uma sizovumela leliqiniso ukuthi licwile ezingqondweni zethu, ivangeli lizoshintsha libe yinto enhle ngendlela emangalisayo kunalokhu ebesicabanga ngayo.




Egcekeni sibona i-althari lomnikelo kanye nocengezi. I-althari lihlanza ngegazi, kanti umcengezi wona uhlanza ngamanzi. Igazi likaKrestu livula izinhliziyo zethu entethelelweni kaNkulunkulu, kanti manje uMoya kaKrestu, ngokuvumelwa ukungena emphefumulweni, ube eseqala umsebenzi wokuhlanza izingqondo zethu nemicabango efiphele.

> Nguye lo oweza ngamanzi nangegazi, uJesu Kristu, kungengamanzi odwa kodwa ngamanzi nangegazi; noMoya ungofakazayo, ngokuba uMoya uyiqiniso. 1 kaJohane 5:6

Lobubudlelwano phakathi kwegazi, namanzi kanye noMoya buvezwa nguJohane kulamaVesi amabili alandelayo.

> Ngokuba bathathu abafakazayo, uMoya, namanzi, negazi, labo abathathu [banye]. 1 Johane 5:7-8 (ISV)

Isihumusho seKJV seBhayibheli sifaka inkulumo namazwi angekho ezingcwadini ezokuqala azama ukusekela imfundiso kaNkulunkulu omthathu. Kodwa lesisicaphuno esingenhla, kanye nezinye izihumusho zamuva, kanye ne*Luther bible* zisinika ukuqonda okulungile kwalendimana.

Umsebenzi wokuhlanzwa ufaka ndawonye igazi, amanzi, kanye noMoya. Zinenhloso eyodwa eyokususa isono sethu.

1. Igazi likaJesu, ngokusizwa umoya, likhuluma nathi kuloluhlelo lobulungiswa bethu obungesibo, ukuthi uNkulunkulu uyasixolela futhi uyasithanda.
2. Amanzi okubhaphathiza asivulela uMoya njengesimo sejuba owehlela phezu kwethu ukuze sizoba nesiqiniseko sokuthi siyizingane zikaNkulunkulu ezithandekayo. Siyabuyelana noNkulunkulu.

# 5. Igazi Ethempelini

Kubalulekile ukuthi siqonde ukuthi igazi alinamandla okusihlanza ngaphandle kokuthi uMoya kaKrestu ubonise isoni intengo yalo. Uma isoni sibona igazi likaKrestu, uMoya uyathinta enhliziweni, uthi ubulungiswa sebuphelelisiwe, kodwa njengoba sesibalulile, ukuthi yibobolungiswa umuntu akholelwa yibo.

UKrestu, njengomxhumanisi, uveza kuBaba igazi lakhe enzela umuntu. UNkulunkulu akadingi mnikelo namhlatshelo kodwa umuntu ofuna lokho. Ngeskhathi umuntu ebheka kuKrestu ngokukholwa, eletha igazi lakhe kuBaba, ubulungiswa bomuntu buyaneliswa, nomuntu usenesiqiniseko esiphelele sokuthi izono zakhe zixolelwe.

> Wangena kanye kuphela endaweni engcwele, kungengagazi lezimbuzi nelamathole kepha ngegazi lakhe, ezuzile ukukhululwa okuphakade. KumaHeberu 9:12

UKrestu uveza igazi lakhe kuBaba njengosimele. Akalivezi kuBaba ngenxa kaBaba kodwa ngenxa yethu.

> Ngabona izingelosi ezine ebezinomsebenzi okumele ziwenze emhlabeni, zazisendleleni ukuyowenza. UJesu wayegqoke izingubo zompristi. Wayibuka ngokuyizwela insali, wase waphakamisa izandla zakhe, wase wakhala ngezwi lokuthinteka wathi, "Igazi lami Baba, igazi lami, igazi lami. Early writings 38.1

Kubalulekile ukukhumbhula ukuthi Krestu akasiye umxuseli kaNkulunkulu kuphela, kodwa nowabantu futhi.

> Ngokuba munye uNkulunkulu, munye nomlamuleli phakathi kukaNkulunkulu nabantu, umuntu uKrestu Jesu. 1 Thimothewu 2:5

Ngaso sonke iskhathi uma sona, sicela intethelelo ngegazi elachithekayo likaJesu, bese uBaba ethumela uMoya wakhe ukuthi asihlanze futhi aselaphe. Kodwa lokhu kwenzeka ngokohlelo lobulungiswa bethusi.

Kodwa uBaba wethu osezulwini ufisa siqhubekele phambili endlini engcwele. Encwadini yeSambulo siyatshelwa ukuthi:

> Nganikwa uhlanga lufana nenduku, kwathiwa: "sukuma ulinganise ithempeli likaNkulunkulu, ne-althari, nabakhulekayo kulo. Kepha igceke elingaphandle kwethempeli ulishiye ngaphandle, ungalilinganisi, ngokuba linikwe izizwe, nomuzi ongcwele ziyakunyathela phansi izinyanga ezingamashumi amane nambili. Isambulo 11:1-2

UBaba wethu ufisa sishiye igceke lethusi emuva. Izibonakaliselo zokuhlanzwa endaweni engcwele ngamafutha, isibane, nesinkwa. Kukhona ukufafazwa kwegazi ezimpondweni ze-Althari lempepho isikhathi nesikhathi ngoba phela uhlelo lobulungiswa obungesibo alukasuswa. Kodwa uma sisuka egcekeni siya endaweni engcwele bese ekugcineni endaweni engcwele-ngcwele, igazi liyehla ngaso sonke iskhathi.

Lonke igazi leminikelo yokushiswa, iminikelo yokuthula, nomnikelo wesono yayifafazwa ithelwe phansi kwe-Althari lomnikelo, ngaphandle komnikelo wesono wompristi, noma webandla lonke. Kulezo zimo, lalichezwa kaskhombisa phambi kwesihenqo kwi-Althari lempepho.

> uma kungumpristi ogcotshiweyo owone kanjalo, aze ehlisele abantu icala, wonikela kuJehova ngesono sakhe awone ngaso iduna elingenasici, kube ngumnikelo wesono. Umpristi agcobhoze umunwe wakhe egazini, afafaze ngegazi kasikhombisa phambi kukaJehova, ngaphambi kwesihenqo sendlu engcwele Levi 4:3,6
>
> Uma-ke yonke inhlangano yakwa Israyeli iduka, leyo nto isitheke emehlweni ebandla, benza noma yikuphi kuyo yonke imiyalo uJehova ayale ngakho ukuthi akunakwenziwa, baze babe necala, lapho isono abone ngaso sesaziwa, ibandla liyakunikela ngeduna libe ngumnikelo wesono, lililethe phambi kwethende lokuhlangana. Amalunga enhlangano ayakubeka izandla zawo enhloko yenkunzi ihlatshwe phambi kukaJehova. Umpristi ogcotshiweyo alethe igazi lenkunzi etendeni lokuhlangana. Umpristi uyakugcobhoza umunwe wakhe egazini, afafaze ngalo kasikhombhisa phambi kukaJehova phambi kwesihenqo. Levi 4; 13:17

Ukusetshenziswa kwegazi lwezilwane kwasuka emalitheni amaningi egazi e-Althari lomhlatshelo kuya ekufafazweni kwegazi endaweni engcele ngomnikelo wesono sebandla noma sompristi obekungenzeki njalo, futhi kuzekube kanye endaweni engcwele-ngcwele ngosuku lokubuyisana.

# 6. Iphetheni kaNkulunkulu Ngegazi

Kulabo abawujwayele umlayezo we *Father of love Movement*, uyazi ngezimfundiso nezimiso ze*Phetheni kaNkulunkulu*. Uma ungayijwayele ngicela ufunde izincwadi ze*Phetheni kaNkulunkulu yokuphila* kanye nengcwadi ebizwa *The Divine pattern* etholakalayo ukuthi ungaziDownloadela zona ku *maranathamedia.co.za/zu*.

Igazi eliphathekayo likaKrestu liwumgudu ovula inhliziyo yomuntu ukuba yamukele ukuhlanzwa ngokweqiniso nguMoya kaKrestu. UKrestu ukhuluma ngoMoya wakhe onikeza impilo njenge gazi ngendlela elandelayo:

> Khona uJesu wathi kubo: "Ngiqinisile, ngiqinisile ngithi kini: Uma **ningayidli inyama yeNdodana yomuntu, niphuze igazi layo, aninakuphila phakathi kwenu. Odla inyama yami aphuze igazi lami, unokuphila okuphakade**; mina ngiyakumvusa ngomhla wokuphela. Ngokuba inyama yami ingukudla isibili, negazi lami lingukuphuza isibili. **Odla inyama yami, aphuze igazi lami, uhlala kimi, nami kuye.** Njengalokho uBaba ophilayo engithumile, nami ngiphila ngoBaba, **[kanjalo] lowo ongidlayo naye uyakuphila ngami.** Johane 6: 53- 57

UJesu usitshela ukuthi sidle inyama yakhe siphuze negazi lakhe. Abafundi bamangala ngalamazwi kaJesu. Bajwayele umthetho kaMose obatshela ukuthi abavumelekile ukuphuza igazi.

> Kuyakuba yisimiso esiphakade ezizukulwaneni zenu ezindlini zenu zonke zokuba ningadli amanoni negazi. Levi 3:17

> Aniyikudla lutho olunegazi, ningenzi imilingo, ningahloli imihlola. Levi 19:26

Kungani uJesu ezobatshela ukuthi bephuze igazi? Siyabonga ngoba uyayichaza ngokusobala incazelo.

> Kepha uJesu azi phakathi kwakhe ukuthi abafundi bakhe bayakhonona ngalokho, wathi: “lokhu kuyanicunula na? Pho uma nibona iNdodana yomuntu yenyukela lapho yayikhona kuqala, niyakuthini na? **NguMoya ophilisayo, inyama ayisizi lutho; amazwi engiwakhulume kini anguMoya, angukuphila**. Johane 6:61-63

UKrestu usebenzisa igazi nenyama Yakhe njengesifanekiselo soMoya wakhe. Bese ebatshela ngokusobala ukuthi inyama ayinanzuzo yalutho. Inyama negazi eliphathekayo akukwazi ukususa isono enhliziweni yesoni, uMoya kuphela ongakwenza lokhu.

Okunye okuchaza lokhu, phambi kokuba uKrestu afe, wabanika inkomishi noma isitsha sejusi yamagrebhisi.

> wayesethabatha isitsha, wabonga, wabanika, wathi: “phuzani nonke kuso; **ngokuba lokhu kuyigazi lami lesivumelwano elithuluwa ngenxa yabaningi kukho ukuthethelelwa kwezono**. Kepha ngithi kini: Kusukela manje angisayikuphuza kulesi sithelo somvini, kuze kufike lolosuku engiyakusiphuza ngalo nani sisisha embusweni kaBaba.” Mathewu 26:27-29

Wathi, leli yigazi lami lesivumelwano esisha elichithelwe abaningi ukuze kususwe izono. Ngokucacile ijusi yama grebhisi ayisilo igazi likaKrestu, kodwa likhomba esipheni segazi lomziba wakhe ebesilidinga ukuze samukele ukuxolelwa kodwa phezu kwalokho uMoya wakhe uthelwa kubo bonke abamamukela njenge Nkosi nomsindisi wabo, bese enza umsebenzi wokuhlanza nokwenza busha inhliziyo.

Igama elifanayo elisetshenzisiwe nguJesu ukuthi “elichithekele abaningi” liyasetshenziswa futhi eTestamenteni elisha ngendlela elandelayo.

> Ngakho ephakanyiselwe ngakwesokunene sikaNkulunkulu, **esamukele kuYise isithembiso sikaMoya oNgcwele, wakuthulula lokhu enikubonayo nenikuzwayo.** Izenzo 2:33

> Abokusoka abakholwayo ababefikile noPetru bamangala kakhulu, ngokuba **isipho sikaMoya ongcwele sitheliwe naphezu kwabezizwe.** Izenzo 10: 45
>
> Ithemba alijabhisi, ngokuba uthando lukaNkulunkulu **lutheliwe ezinhliziweni zethu ngoMoya oNgcwele** esimuphiweyo.
>
> Kepha lapho sekubonakalisiwe ububele bukaNkulunkulu uMsindisi wethu nothando lwakhe kubantu, wasisindisa kungengamsebenzi yokulunga esiyenzayo thina kepha ngokwesihawu sakhe ngesigezo sokuphindukuzalwa **nokwenziwa sibe basha ngoMoya oNgcwele, amthelayo kakhulu phezu kwethu** ngaye uJesu uKrestu uMsindisi wethu. Thitu 3: 4-6

Ngeskhathi uJesu echitha impilo yakhe kithina ngoMoya, sihlanzwa kanjalo ngegazi lika Jesu, ngoba impilo kaJesu ifanekiswa esivumelwaneni esisha njenge gazi lakhe.

Ngalokhu sesizokwazi ukubonga kangcono inchazelo kaJohane encwadini yakhe yokuqala.

> Lokho okwakukhona kwasekuqaleni, esakuzwa, sakubona ngamehlo ethu, sakubheka, nezandla zethu zakuphatha, okwezwi lokuphila - lokho kuphila kwabonakaliswa, sakubona, siyaqinisa sinishumayeza **lokho kuphila okuphakade okwakukhona kuYise, kwabonakaliswa kithina**, lokho esikubonileyo, sakuzwa, sinishumayeza khona nani, ukuze nani nibe nenhlanganyelo nathi. Kepha thina sinenhlanganyelo noYise naneNdodana yakhe uJesu Krestu. Sesiyanilobela lokhu, ukuze intokozo yenu iphelele. Nanti izwi esalizwa kuye, sinishumayeza lona lokuthi **uNkulunkulu ungukukhanya, ubumnyama abukho kuye nakanye.** Uma sithi sinenhlanganyelo naye sibe sisahambha ebumnyameni, sinamanga asenzi iqiniso. Kepha uma sihamba ekukhanyeni, njengalokhu yena uqobo esekukhanyeni, khona

> sinenhlanganyelo omunye nomunye, **negazi likaJesu iNdodana yakhe liyasihlambulula ezonweni zonke.** 1 Johane 1: 1-7

UJohane ukhuluma ngoKrestu njengempilo evezwe kithina. Ubese ekhuluma ngenhlanganyelo esinayo noBaba neNdodana. Lenhlanganyelo yenzeka kuphela ngoMoya oyingcwele kaKrestu.

> Ngakhoke, uma kukhona induduzo kuKrestu, uma kukhona ukududuzeka kothando, uma kukhona inhlangano kaMoya, uma kukhona isisa nesihawu.  Filipi 2:1

UJohane ubesethi akukho ubumnyama kuNkulunkulu. Ubumnyama buhambisana nokufa. Ukufa kuhlezi kukhona uma kuchithwa igazi.

> Wabakhipha ebumnyameni nasethunzini lokufa beboshiwe osizini nasensimbini. Amahubo 107:14


> Ngokukhanyisela abahlezi ebumnyameni nasethunzini lokufa nokuqondisa izinyawo zethu endleleni yokuthula.” Luka 1: 79

Uma uNkulunkulu engenabumnyama kuyena, ngaleyo ndlela akakufuni ukufa kanye negazi. Inhlanganyelo enhle kanjani ukwazana noNkulunkulu njena neNdodana yakhe. Lena yinhlanganyelo eligugu ngempela. Bese uJohane ethi, igazi lika Jesu lisihlanza kuzo Zonke izono. Lokhu kukhuluma nqo! ngoMoya kaKrestu; kukhuluma ngoMoya wakhe.

Igazi eliphathekayo likaKrestu alihlanzi kuzo Zonke izono. Amakrestu azi kahle kamhlophe ukuthi umasebamkele uKrestu njengoMsindisi wabo, abayeki ngalowomzuzu ukona. Ngaleyo ndlela ukuthelwa kwempilo kaKrestu kithina ngoMoya wakhe waphakade yikho okusihlanza izono Zonke.

Uma sibuyela kuhlelo lwendlu engcwele, ngeskhathi umuntu ethatha indlela yakhe yoMoya esuka e-Althari lomhlatshelo eya emphongolweni wesivumelwano, ukuncika kwakhe egazini eliphathekayo likaKrestu kuyaphela bese ukuncika kwakhe egazini likaMoya kuba yikho konke kukho konke.

Literal to Spiritual Blood




1. Igazi eliphathekayo likaKrestu lenelisa isidingo somuntu bese livula ingqondo yakhe othandweni lukaNkulunkulu. Liyamkhulula lihlanze ingqondo yakhe emqondweni ongalungile wokuthi uNkulunkulu uyamlahla.
2. Igazi likaMoya likaKrestu liyamhlanza, limelaphe bese liyamvuselela umuntu ekutheni afane noKrestu, limlungiselele ukuthi ayophila phakade noBaba kanye neNdodana

Uma izoni zizwizwa zilahliwe, kungenxa yendlela ezibona ngayo isimilo sikaNkulunkulu kanti izindlela zabo zobulungiswa yizo ezibanga lokhu. Abantu badinga ukunxuselwa uKrestu ngegazi eliphathekayo ukuze libasize ukuthi bekholwe ukuthi uNkulunkulu uyabamukela. Kodwa uma abantu belokhu bekhula ekumthembheni uKrestu, bese befunda ngesimilo sikaBaba njengalokhu sivela empilweni kaKrestu emhlabeni, banethuba lokufunda ukuhti akabalahli futhi akehluleli muntu, sidinga kuphela ukuthi simcele ukuthi asithethethelele bese esisiza ngokusinika uMoya weNdodana yakhe. Singakhuluma nedwala kunokuthi sifune ukuthi lishawe. Singahlanzwa ngegazi likaKrestu ngolwazi lokhuthi lona uMoya wakhe.

Ngokubheka phansi ngendlela yethebanekile sithola igazi eliphathekayo liyangcolisa kunokuthi lihlanze indlu engcwele, kanti eloMoya liyahlambulula.

IThebanekile noma indlu engcwele iyisibonakaliso sethempeli engumzimba wethu. Uma sikholwa ukuthi ubulungiswa bukaNkulunkulu bubiza ukufa, singcolisa ithempeli elingumzimba wethu. Uma sibona uNkulunkulu efuna impilo yesoni, sibe sesiba yilabo abafuna ukufa kwalabo esibabona beyizoni noma abonayo okungcolisa ithempeli lethu eliwumzimba.

Kodwa umasifunda iqiniso lesimilo sikaNkulunkulu njengoba siveziwe kuKrestu, sibe sesamukela uMoya walowo ongahluleli, ongalahli, futhi nongabhubhisi. Lokho kube sekuhlanza umzimba wethu oyithempeli ngendlela yokuthi umhlatshelo nomnikelo wesono uyaphela.

# 7. Isikhathi Sokuhlupheka KukaJakobe

Kwabangu 144000 abaphawuliwe ngezehlakalo zokugcina zomlando womhlaba, bazokwazi ukuphila phambi kukaNkulunkulu ngaphandle komncengeli wegazi eliphathekayo. Bazihlanzile izingubo zabo egazini lomoya likaKrestu bazenza mhlophe. Akusekho ukulahlwa ngoba ubulungiswa bukaSathane sebususiwe kubona. Hallelujah!

Kodwa ubukhona begazi endlini engcwele ngosuku lokubuyisana ngesikhathi sakwa Israyeli kusikhomba ekulweni kokugcina kwabantwana bakaNkulunkulu ukuba bethembe isimilo sikaNkulunkulu.

Kunokuxhumana phakathi kwenkonzo yokuhlanzwa kwethempeli kuhlanzwa isono ngosuku lokubuyisana nokuhlanzwa kwesoni ubulephero; isifanekiselo sesono.[1]

| **Ukuhlanzwa kwethempeli ngosuku lokubuyisana Levi 16** | **Ukuhlanza isoni ebulepherweni besono Leviticus 14** |
|---|---|
| Ukukhethwa kwezimbuzi ezimbili Levi 16:5 | Kukhethwa izinyoni ezimbili Lev 14:4 |

[1] Sibonge uSean Sutton ngokwabelana name lobudlelwano

| | |
|---|---|
| Imbuzi eyodwa iyahlatshwa, enye ihanjiswa iphila Levi 16:9,10 | Inyoni eyodwa ihlatshwa phansi kwamanzi ahambayo ngesitsha sobumba, inyoni ephilayo icwiliswa egazini lenyoni ehlatswe phansi kwamanzi ahambayo Lev 14:5,6 |
| Igazi lembuzi ehlatshiwe lifafazwa kaskhombhisa kwi-Althari lempepho Levi 16:18,19 | Igazi lenyoni ehlatshiwe lifafazwa kaskhombisa emuntwini ohlanziwe. Umuntu ube esehlanziwe Levi 14:7 |
| Umphristi omkhulu uvuma izono zakhe embhuzini ephilayo ebe isithunyelwa ehlane Levi 16:21 | Inyoni ephilayo ibe isidedelwa iyandaweni evulekile Levi 14:7 |

Lezinkonzo zombhili zihlanganisa ukuhlanzwa kwesono emuntwini kanye nakwimdlu engcwele. Lokhu kuzokwenzeka kubantu bakaNkulunkulu ngesikhathi sokuphawulwa phambi kokubuya kwesibili. Lokhu kwenzeka ngesikhathi sokuhlupheka kukaJakobe.

Ebhekene nokubalwa umfowabo u-Esawu, uJakobe wangcenga ukuthi uNkulunkulu amkhulule. Uma ukukhululwa wakhe esefikile walwa nengelosi, lengelosi ibinguKrestu, ecabanga ukuthi isitha sakhe. Abantu bakaNkulunkulu ekugcineni kwesikhathi bazobhekana nazozonke izono zabo ngesikhathi uKrestu esondela kubo.

> Abantu bakaNkulunkulu bazongena kulezehlakalo zobuhlungu nokucindezeleka okuchazwa umprofethi ngokuthi isikhathi sokuhlupheka kukaJakobe. "Usho kanje uJehova uthi: 'sizwile izwi lokuthuthumela, elokwesaba kungengelokuthula. Ubuso bonke buphaphathekile, na? Maye, lukhulu lolo suku, alukho olunjengalo! Kuyisikhathi sokuhlupheka kukaJakobe, kepha uyakusindiswa kukho. Jeremiya 30:5-7. Ubusuku bobuhlungu bukaJakobe, mhla elwa emthandazweni efuna ukukhululwa esandleni sika Esau (Genesis 32:24-30) kuveza amava abantu bakaNkulunkulu eskhathini sokuhlupheka. Great Controversy 616.

Ngeskhathi abantu bakaNkulukulu bebhekene nesimemezelo sokubulawa komthetho wesonto, bazizwa behlukaniswe noNkulunkulu. USathane ubavezela izono zabo ngendlela enehaba bese bezizwa bephelelwa yithemba.

> Njengoba uSathane waholela uEsewu ukuthi ayolwa noJakobe, kanjalo uzogovuza ababi ukuthi babhubhise abantu bakaNkulunkulu ngesikhathi sokuhlupheka. Njengoba wagxeka uJakobe, uzofaka izinsolo zakhe kubantu bakaNkulunkulu. Ubala umhlaba njengowakhe; kodwa incosana yensali egcina imithetho kaNkulunkulu imelene nokubusa kwakhe. Uma engabasusa emhlabeni, ukunqoba kwakhe kuzobe sekuphelele. Uyabona ukuthi izingelosi ezingcwele zibagadile, uphikisana nokuthi izono zabo zixolelwe; kodwa akazi ukuthi udaba lwabo selunqunyiwe ithempelini elisezulwini. Unolwazi oluqondile ngezono abalinge ngazo ukuthi bazenze, uletha lokho phambhi kukaNkulunkulu ekugcizelela ngehaba, eveza labantu njengabafanele ukulahlwa emuseni kaNkulunkulu njengaye. Uthi uNkulunkulu akakwazi ngobulungiswa ukuba exolele izono zabo kodwa abhubhise yena nezingelosi zakhe. Uthi bayimpango yakhe njalo ufuna banikelwe ezandleni zakhe ukuthi ababhubhise. {Great Controversy 618.2}

Siyaqhaphela ukuthi ekulweni kwabo nezono zabo esezidlulile abantu bakaNkulunkulu bakhomba ukuphenduka kwabo osekudlulile njengesiqiniseko sokuthi uNkulnkulu ubaxolele futhi akabalahli.

> Kuwo wonke amacala bezwa amacebo okuvukelwa bese bebona ukusebenza kokuhlubuka; bese ngaphakathi kwabo kuvuka ulangazelelo olukhulu, ukufisa komphefumulo, ukuthi sengathi lokuhlubuka okukhulu kungaqedwa nobubi bababi bufike ekugcineni. Kodwa ngesikhathi besancenga noNkulunkulu ukuthi amise umsebenzi wohlubuko, kunomuzwa wokuzisola nokuthi abanawo amandla okumelana nokuhlehisa amandla obubi ngokwabo. Bazizwa sengathi uma bebelokhu besebenzisa amandla abo emsebenzini kaKrestu, bekhula besuka emandleni

> besiya kwamanye amandla, amandla kaSathane abengeke akwazi ukumelana nabo. Great Controversy 619.2
>
> Bashaya imphefumulo yabo phambi kukaNkulunkulu, **bekhombha ekuphendukeni kwezono zabo esezidlule, becela isithembiso soMsindisi**: "Noma abambelele emandleni ami ukuba enze ukuthula nami, enzelane ukuthula nami." Isaya 27:5. Ukholo lwabo aludangali ngoba nakhu imithandazo yabo ayiphendulwa masinyane. Noma benokwesaba okukhulu, nokukhathazeka, abayekuyeki ukunxusa kwabo. Babambhelela emandleni kaNkulunkulu njengoJakobe ebambhelela emandleni eNgelosi; ulimi lomphefumulo wabo ukuthi: "Angeke ngikudelele ungangibusisanga" Great Controversy 619.3

Ngeskhathi abantu bakaNkulunkulu bebhekene nomzabalazo wabo wokugcina, izici zobulungiswa bamanga akubo ayavela. Ngesikhathi ubuhle besimilo sika Nkulunkulu buvezwa kubo, bayabona ububi nobukhulu besono. Bayalingeka ukuthi babalekele ekutheni badinga igazi ngenxa yokuphula umthetho. Kodwa ekukhathazekeni kwabo bagcina sebephumula ezithembhisweni ezicacile ezisezwini lika Nkulnkulu, ezinguMoya nokuphila.

Ilokhu okufanekiswa esenzweni sokugcina sokubuyisana endaweni engcwele-ngcwele. Ukufafaza kwegazi kuyabaqinisekisa ngesikhathi belwa nokulahlwa izono zabo. Kodwa ngeskhathi bencenga uMoya, bayamamukela nonembheza babo bayahlanzeka beseyaphawulwa. Izinsalela zokugcina zobutha seziphelile; ubulungiswa bamanga sebusiphuliwe bunqotshiwe. UKrestu ububulele ubutha obungaphakathi kwabo, manje ithempeli selingaqedelwa. Kuzoba usuku oluhle kanjani lolo!

Phambi kokuba siqhubeke, ngifuna ukukwabela ngesicaphuno esivela kumoya wesprofetho esivumelana nokuthi igazi likaKrestu linguku phila kwakhe; uMoya wakhe, futhi kulesisicaphuno sithola nokuthi umthombho wokuphila kuka Krestu uBaba wakhe.

Zonke izinto zivela kuBaba. Asina lutho esingakutholanga, futhi ngaphezu kwalokhu, asinalutho olungathengangwa ngegazi lika Jesu. Yonke into iza kithi inesigxivizo sesiphambhano, kuthengwe ngegazi eliyigugu ngaphezu kokucabanga kwethu, ngoba kuyimpilo kaNkulunkulu. Mount of Blessing 66.2

## 8. Ukuhlupheka kuka Krestu nesiphambano samanje

Kungani ukuchitha uMoya kaKrestu kufanekiswa njengegazi? Kungoba uma uMoya ungena enhliziweni yomuntu, Ungena esidlekeni sobubi. Inhliziyo yomuntu igcwele ukungcola; igcwele yonke inhlobo yobubi. Ukuhlala enhlizweni yesoni esiguqukile ukuzidela okukhulu kuKrestu. Njengoba onke amaKrestu azi kahle, yonke imizamo yethu emihle iyashoda ngempilo kaJesu. Uma siveza ukuthukuthela kwabanye, uma sigxeka abanye ngama gama ethu uJesu siyamgwaza futhi. Kumabangela ubuhlungu.

"Nalabo abamgwazayo." Lamazwi awabali kuphela labo abamgwaza esesiphambhanweni saseKhalvari, kodwa nalabo abathi ngokukhuluma nangokwenza okungalungile basamgwaza namuhla. Usuku nosuku abantu abamhloniphi ngokungavumi ukwenza intando yakhe. ST January 28, 1903, par. 8

Ekusinikeni ukuphila, uKrestu kumele athwale izono zethu ezimbangele ukuhlupheka okukhulu. Yingakho umfanekiso wegazi siwujabulela kangaka. Lokhu kusivulela iqiniso lokuthi nanoma ebethelwa enyameni kanye, ubethelwe eMoyeni kusukela ekuweni kukaLucifer.

Labo abacabanga ngokusheshisa noma ngokuvimba ivangeli basuke bekucabanga ngokuqondene nabo kanye nezwe. Bambalwa abacabanga maqondana noNkulunkulu. Bambalwa abacabanga ngokuhlupheka isono esikubangele uMdali wethu. **Izulu lonke lahlushwa ngobuhlungu nokuhlupheka kukaKrestu;**

> **kodwa lokho akuqalanga kwaphela ngesikhathhi esenyameni. Isiphambhano siyisibonakaliso emizweni yethu ebuthuntu yalobo buhlungu, kusukela ekuqaleni kwaso, isono esibulethile enhliziweni kaNkulunkulu**. Education 263.1

IBhayibheli lisichaza kanjena lesimiso.

> Bayakukhuleka kuso bonke abakhileyo emhlabeni, wonke ogama lakhe lingalotshwanga encwadini yokuphila yeWundlu elihlatshiweyo, selokhu kwasekelwa umhlaba. Revelation 13:8 NKJV

UKrestu akakwazi ukuvele abelana uMoya wakhe nesoni, kumele afake phakathi uthando lwakhe oluphakade, ngesikhathi esiningi ngezinyembezi. Lungakanani uthando loMsindisi wethu. Njengoba uPawule echaza:

> sithwele njalonjalo emizimbeni wethu ukufa kukaJesu, ukuze nokuphila kukaJesu kubonakaliswe emzimbeni wethu. 2 Khorinte 4:10

NjengamaKrestu kungenzeka yini ukuthi singazi ukuthi simlimaza kangakanani? Kulabo bethu abaseke bahamba eqinisweni likaBaba, neNdodana, nesimilo Sakhe, UJesu uzizwa kanjani uma sikhuluma nge-*Trinity* noma ngokuthi uBaba wakhe unodlame? Kumbangela ubuhlungu. Ukubona amaKrestu efisela abanye isijeziso noma ukubezwa begxeka abanye abantu, kuyamugwaza.

Thatha lokhu ukuyise ezingeni labefundisi, abaphristi kanye nothisha abahlukumeza izingane ngokocansi ngegama likaNkulunkulu. Maye Msindisi othandekayo nobusisekile! Bungakanani ubuhlungu abuthwalayo ngathi.

Uma sizokalela igazi likaJsu ekufeni kwakhe kweminyaka engu 2000 eseyadlula, asikwazi ukubona ukuhlupheka kwakhe namhlanje, noma siqonde kahle-hle ubukhulu besiphambano sakhe ngempela. Nsuku zonke uKrestu uzwa ubuhlungu besiphambano nokubethelwa, singakuqonda kanjani lokhu na?

Kodwa iphuzu lana ukuthi kulethela uKrestu ubuhlungu obukhulu kakhulu ukusinika uMoya wakhe. Ngokulokhu ezama ukufinyelela kithi uyangokuziveza kithi, lokho kukhulisa amazinga okuthi simzwise ubuhlungu, uma sinqaba ukusondela kwakhe noma sivimbe ukuncenga kwakhe.

Ingakho imifanekiso isitshengisa ukuthi ngeSabatha bekuhlatshwa amawundlu amaningi okudlula ezinye izinsuku. ISabatha usuku olukhethekile lwenhlangenyo ebantwini bakaNkulunkulu. Lokhu kuchaza ukuthi uKrestu uzama ukusondela eduze kwezinhliziyo zethu abe nobudlelwano nathi. Kodwa njengoba abantu abaningi baelinqaba iSabatha, noma benqaba uBaba wakhe onozwelo, noma badelele izimiso kanye nezahlulelo zakhe, lokho kuyamgwaza uKrestu.

Futhi, yingakho umfanekiselo womhlatshelo wezilwane eziningi ngepasika namathabanakele usivezela kokubili ukusilangazelela koMsindisi ukusidonsela kuye kanye nosizi olukhulu aluzwayo uma iningi labantu limuphika.

UJesu uyiNkosi yeSabatha, futhi ulangazelela ukudonsela izingane zakhe ekuhlanganyeleni naye. Asikhumbuleni uMsindisi wethu othandekayo nokuthi kubize kangakanani ukuthi asinike uMoya wakhe; Igazi lakhe ekingukuphila.

# 9. Ukuqonda uhlelo lemihlatshelo

Esinye sezizathu esenza amaKrestu acabange ukuthi uNkulunkulu ufuna igazi langempela lemihlatshelo kungenxa yokuqaleka kohlelo lemihlatshelo, ngokuqondile indaba yePhasika yase Gibhithe. Izicaphuno ezifana nalesi ziyakuletha enqondweni ukuthi uNkulunkulu wayefuna imihlatshelo.

> UKrestu, esigungwini sakhe noBaba, waqala uhlelo lwemihlatshelo yeminikelo; ukuze ukufa, esikhundleni sokuthi kufike masinyane esonini, kudlulele kulowo omele umnikelo ophelele weNdodana kaNkulunkulu. 1SM 230.1

Umbuzo okufuneke ubuzwe ukuthi kungani uNkulunkulu waqala loluhlelo, uma iBhayibheli ezindaweni eziningi lithi uNkulunkulu akayifuni imihlatshelo neminikelo.

> Umhlatshelo nomnikelo wokudla awuwuthandi; izindlebe zami uzibhobozile; **umnikelo wokushiswa nomnikelo wesono awuwubizi.** Amahubo 40:6

ngesiqinisekiso esinye kulokhu, naka lokhu okulandelayo.

> Phambi kokuthi umhlaba usekelwe, icebo losindiso lase likhona. Ezulwini kwezakala izwi elingaqondakali lithi, "Umnikelo nemihlatshelo awuyithandanga, kodwa umzimbha ungilungisele wona…. Bheka ngiyeza ukwenza intando yakho, Nkulunkulu;" "Yebo, umthetho wakho usenhliziweni yami." RH Sep 16, 1902

Lana sibona ubufakazi obusobala bokuthi ngesikhathi icebo losindiso lenziwa izwi lakhuluma kuleso sigungu ukuthi uNkulunkulu akayifunanga imihlatshelo neminikelo. Lokhu kuphikisana kuyasibonisa ukuthi kunesibuko esisebenzayo ngakolunye uhlangothi lalenkulumo; okusho ukuthi olunye uhlangothi lisibonisa isimilo sika Nkulunkulu olunye lusivezela ukuthi wamukela kanjani umcabango womuntu. Ekuzameni kwethu ukuletha ukuizwana kwalezi zinkulumo zombhili, sibona into ethathekisayo endabeni ka-Abrahama.

> Waqhubeka ubaba wancenga ukubonsiwa isibonakaliso esiphathekayo esitshengisa ukuvunywa kokholo lwakhe njengesibonakaliso sezizukulwane ezizayo ukuthi amacebo omusa kaNkulunkulu kubona azophumelela. **INkosi yehla yazokwenza isivumelwano nenceku yayo, isebenzisa izindlela ezazijwayelekile kubantu sokugcizelela into ebalulekile njengesivumelwano. Ngokuholwa uNkulunkulu, u-Abrahama wahlaba inkonyane, nezinyane lesimame nempongo**, Zonke zazineminyaka emithathu, zihlukaniswa imizimba yazo phakathi bese ibekwa iqhelelane kancane. Kulezo wafaka nejuba, nenyoni encane, zona zazingahlukaniswa. Lokhu esekwenzile, wadlula

> phakathi kwazo ngesizotha kulemihlatshelo, enza isifungo kuNkulunkulu sokulalela njalo-njalo. PP 137.1

U-Abrahama watshelwa uNkulunkulu ukuthi ahlabe lezilwane ezintathu, kodwa lento uNkunlunkulu amtshela yona yayijwayelekile phakathi kwabantu. Kwakungukwehla kukaNkulunkulu esiza ezingeni lika-Abrahama ukumkhuthaza ekukholweni. Akusiyo into uNkulunkulu abeyifuna noma eyidinga, kodwa bekuyinto u-Abrahama abeyidinga, uNkulunkulu wahlangabezana nesidingo sakhe.

Uma sibuyela ekuqaleni, kuyathathekisa ukuthi akunamyalelo obhaliwe ovela kuNkulunkulu maqondana nohlelo lemihlatshelo. Kubhalwe lokhu nje:

> Ekuhambheni kwesikhathi kwenzeka ukuthi uKhayini alethe umnikelo wezithelo ezivela emhlabathini kuNkulunkulu. U-Abela naye waletha amazibulo emfuyo yakhe namafutha. UNkulunkulu wamuhlonipha u-Abela nomnikelo wakhe, Genesis 4:3-4

Kodwa njengoba sesifundile, uMoya wesiprofetho uyasitshela ukuthi uNkulunkulu waqala uhlelo lwemihlatshelo. Kodwa isizathu sokwenza njalo kwakungukusiza u-Adama ukuthi abone ukuthi yini eyayingaphakathi kwakhe. U-Adama wadla isithelo sesihlala, umoya kaSathane wagena kuye. Njengalokhu kulotshiwe engcwadini ka Hosiya:

> Baseqile isivumelwano njengo Adamu; bangikhohlisa ngalokho. Hosea 6:7

Ukuhlubuka nokukhohlisa kuyinto efihlekile. U-Adama wayengazi ngobubi nenzondo obabufihleke phakathi kwakhe.

> Ngokuba ukunaka kwenyama kungubutha kuNkulunkulu; ngokuba akuwuthobeli umthetho kaNkulunkulu, yebo, futhi kungekwenze; AmaRoma 8:7

UBaba wethu osezulwini wanika u-Adama uhlelo lwemihlatshelo ukuze amtshengise ukuthi yini ebisenhliziweni yakhe. Bekuyithuluzi lokumvezela ukuthi belubucayi kangakanani udaba lwakhe. Kungumusa omngakanani

ukuthi uNkulunkulu avumele iwundlu eliyigugu alidalile ukuthi lisebenze ukuthi lisize u-Adama ukuthi abone ubucayi besimo sakhe. Bekububhlungu kuBaba ukuthi abone lamawundlu ehlatshwa.

Imbewu enhliziweni ka-Adama yavela kuKhayini mhla ebulala umfowabo. U-Abela wayegcwele uMoya kaKrestu. UKhayini wahlala engqondweni yenyama. Lembewu yaziveza ngeminyaka engu 4000 elandelayo mhla amaJuda esizana nabeziwe ukubethela iNdodana kaNkulunkulu.

Ngeskhathi u-Adama esiyibona inkinga yakhe, waphenduka ebubini bakhe ngokuthobeka walandela iNkosi yakhe, ekhetha ukuyidela imvelo yakhe yenyama.

> Ku-Adama, umhlatshelo wokuqala waba inkozo ebuhlungu kakhulu. Isandla sakhe kumele siphakame ukuthatha ukuphila, okunguNkulunkulu kuphela obengakubuyisela. Wayeqala ukubona ukufa, futhi wayazi ukuthi ukube wamlalela uNkulunkulu, kwakungeke kube khona ukufa komuntu noma kwesilwane. Ngesikhathi ehlaba isilwane esingenacala, waqhaqhazela uma ecabanga ukuthi **isono sakhe kumele sichithe igazi lewundlu likaNkulunkulu elingenabala**. Lesisehlakalo samunika umuzwa ojulile nocacile ngokubukhulu besono sakhe, okungekho lutho olunye ngaphandle kokufa kweNdodana kaNkulunkulu eyigugu ebingalisula. PP 68.1

U-Adama wayengacabangi ukuthi kuzokwenzekani uma edla isithelo evumela uSathane ukuthi aphendule imvelo yakhe, agcwalise ingqondo yakhe ngobulungiswa bamanga obebubiza ukufa, bese eqamba amanga kubona ngesimilo sikaNkulunkulu. Siyaqaphela ukuthi "isono sakhe kumele sichithe igazi elingenabala lewundlu likaNkulunkulu."

Ungafunda lamazwi njengobulungiswa bukaNkulunkulu obufuna ukuthi kufe iNdodana yakhe ukuze isiphe ukuxolelwa ku-Adama noluntu lonke. Kodwa uma bekunguNkulunkulu obefuna ukufa, kungani u-Adama kwakumele ahlabe

iwundlu? Kungani uNkulunkulu engazihlabelanga iwundlu ukuze ezofanekisa ukuthi ubulungiswa bakhe bubiza lokho.

Kungaba ukuthi u-Adama kwakumele ahlabe iwundlu ngoba kwakuwuyena owayekholwa ukuthi sonke isono kumele sijeziswe kanye neqiniso elithusayo lokuthi ngokungazi wayephethe phakathi kwakhe imbewu kaSathane yokufuna ukubulala iNdodana kaNkulunkulu.

## 10. Isibuko[2]

Izinto zimingalendlela, uNkulunkulu wenza uhlelo lwemihlatshelo njengesibuko esiveza obekwenzeka ku-Adama. Sibona indlela uNkulunkulu asiphatha ngayo ngendlela uKrestu aphatha ngayo labo abalalele indaba yesicebi kanye noLazaru.

> Kulomfanekiso [wesicebi kanye noLazaru] uKrestu ubehlangana nabantu lapho abakhona. Imfundiso yokuphila kwabafileyo yayibanjwe abaningi ababelalele amazwi kaKrestu. **Umsindisi wayazi imibono yabo, wenza umfanekiso ukuthi ufake amaqiniso abalulekile esebenzisa imiqondo yabo**. **Wabeka isibuko phambi kwabalaleli bakhe abazobona ngaso ubudlelwano babo noNkulunkulu ngokweqiniso**. Wasebenzisa umbono obubusa ukuze azodlulisa umyalezo abefisa ukuthi bawazi bonke - ukuthi umuntu akanayo intengo ngezinto anazo; ngoba konke anakho kungokwakhe ngoba ekubolekwe uNkulunkulu. Ukusebenzisa kabi lezizipho kuzomubeka ngaphansi kohluphekayo nososizini othanda nothemba uNkulunkulu. COL 263.2

Uma sisebenzisa lesisimiso sesibuko ohlelweni lemihlatshelo sibona ukuthi uNkulunkulu wayazi umqondo ka-Adama mayelana nokubuyisana. Wayazi ukuthi uSathane umkhohlisile ukuthi sonke isono kumele sijeziswe. Ekuceleni

[2] Ukuzwa kabanzi ngesibuko ungafunda incwadi *Mirror principle*

u-Adama ukuba ethathe impilo yewundlu elingenacala, uNkulunkulu wayebambe isibuko angazibona ngaso kanye nobudlelwano bakhe noNkulunkulu.

UKrestu wayengatshela abalaleli bakhe ukuthi umphefumulo awuphili phakade ekufeni nokuthi indaba yesicebi esikhala eHaydesi into engekho. Kodwa abalaleli bakhe babeyikholwa leyonto futhi ukuzama ukuyiphikisa leyonto bekuzovusa ukuxabana. Into kuphela uKrestu abengayenza bekunguku letha kubo iqiniso kulomqondo wabo wemibono engesiyo.

Kulendlela yesibuko, sithola ukuhambisana phakathi kukaNkulunkulu eqala uhlelo lweminikelo ngesikhathi esisodwa engafuni imihlatshelo neminikelo.

# 11. Imihlatshelo iyaphendukezelwa

Elinye iphuzu ekumele silinake ukuthi yenziwa kangaki imihlatshelo. Ekuqaleni kuthiwa:

> Kwathi **emva kwezinsuku ezithile** uKayini waletha kuJehova umnikelo wezithelo zomhlabathi. Naye u-Abela waletha umnikelo kuwo amazibulo ezimvu zakhe ezinonileyo. UJehova Wanaka u-Abela nomnikelo wakhe. Genesis 4:3,4 YLT

Ekuphawuleni kulendimana u*John Wesley* uthi:

> Ngaleso sikhathi - Ekugcineni kwezinsuku, **ekugcineni konyaka lapho ababegcina khona imikhosi yabo emihlanganweni noma, ekugcineni kwezinsuku zeviki, olwesikhombhisa**; ukuphawula kukaWesley ku Genesis 4:3

Ngokokuthamba kukaNkulunkulu, nothando lwakhe lwezilwane (Jona 4:11), ukwenza umhlatshelo kanye ngonyaka bekuzokwenza iphuzu licace. Ukuletha umhlatshelo wonke amaviki kuzodala ingozi yokwenza inhliziyo ibelukhuni esifundweni esifundiswayo.

USathane wenze yonke imizamo ukuthi eshabalalise isizathu nenjongo yemihlatshelo.

> Uhlelo lemihlatshelo, olwanikwa u-Adama lwaphedukezelwa yizizukulwane zakhe. Izinkolelo, izithombe, isihluku, kanye nemikhuba enyanyekayo yangcolisa inkonzo elula nebalulekile uNkulunkulu abeyimisile. PP 364.3

Masinyane abantu ababephelila ngaphambinyana kukaZamcolo babenikela ngabantu ukuze bathobe ulaka lonkulunkulu abathukuthele.

> **Ama-althari okwakuhlatshelwa khona ngabantu awiswa**, nabakhonzi benziwa ukuthi bathuthumele emandleni kaNkulnkulu ophilayo, nokwazi ukuthi bekungukukhohlakala kwabo nokukhonza izithombhe okulethe ukubhubha kwabo. PP 99.2

Kukulesi simo lapho uKhefas ukuthi akhuthalele ukunikela uKrestu njengomhlatshelo.

> Emlonyeni kaKhefas leliqiniso elihle kangaka laphenduka amanga. **Lenqubo ayeyimela yayisekelwe esimisweni esithathwa kubahedeni**. Kubahedeni, ulwazi lokuthi umuntu angafela isizwe sabantu kwabaholela ekutheni banikele ngabantu. Ngaleyo ndlela uKhefas waletha icebo lokuthi ngokunikela ngoJesu ukuthi asindise isizwe esinecala, hhayi ekoneni, kodwa kuso isono ukuze bezoqhubeka kuso. DA 540.2

Injwayelo yabantu ukuthi balethe imihlatshelo ukuze bathobe ulaka lukaNkulunkulu ngenxa yezono zabo kuvela kulamazwi:

> UJehova uyakwenamela izinkulungwane zezinqama nezinkulungwane eziyishumi zemifula yamafutha na? Ngiyakunika izibulo lami ngenxa yesiphambheko sami, isithelo sesisu sami ngenxa yesono senhliziyo yami na? Mika 6:7

Inkonzo elula uNkulunkulu ayinika u-Adama ukuze amvezela ububi obusenhliziweni yakhe yavele yaphendukezelwa ngokuphelele. Iqiniso lokuthi

izizwe zombili ezakwa Israyeli nezabahedeni zeza phansi komthelela owenza obaba ukuthi benikele ngezingane zabo njengemhlatshelo, kuveza inhloso yokuqala uNkulunkulu uzonikela iNdodana yakhe ukuze izonelisa ubulungiswa bethu. Kodwa lokhu kwaphendukeleka emqondweni othi uNkulunkulu uBaba uzobulala iNdodana yakhe ukuze agcwalise ubulungiswa bakhe obulimaziwe.

> USathane ubezama ukungcolisa imihlatshelo ebifanekisa ukufa kukaKrestu; ngeskhathi izingqondo zabantu zisebumnyameni ngenxa yokukhonza izithombe, wabaholela ekutheni baphambhanise iminikelo benze imihlatshelo ngezingane zabo phezu kwama-Althari onkulunkulu babo. Ngeskhathi abantu bephendukela kude noNkulunkulu, ubulungiswa, ukuhlanzeka, nothando kwasuswa ukucindezela, isihluku, kanye nodlame. PP 120.3

Ekuthatheni lezinyathelo, uSathane waholela abantu ukuthi benze izenzo zakhe, ekubekeni izici zakhe phezu kukaNkulunkulu.

> **Kanjalo umkhohlisi wambhathisa uMdali nomnakekeli wethu ngesimilo sakhe.** Isihluku sivela kusathane. UNkulunkulu uluthando; futhi konke akudalile bekuhlanzekile, kungcwele, kuthandeka, kwaze kwaba kufika isono ngomhlubuki wokuqala GC 534.2

Ukukhohlisa kwenhliziyo yomuntu phansi komthelela kaSathane, kwaholela umuntu ukuthi afihle ubutha bakhe phansi komhlatshelo ayewunikiwe. Yilokhu okuholele umhlaba wamaKrestu ukuthi ukholwe ukuthi igazi eliphathekayo likaJesu ilona elenelisa ubulungiswa bukaNkulunkulu futhi libakhulule ekulahlweni.

UNkulunkulu ubefuna ukukhulula izwe ekuzilahleni, bese elikhuthaza ukuthatha uthando lwakhe ngokukholwa ngokuthi bavumele uMoya noma igazi likaMoya likaKrestu ukuthi libahlanze, libelaphe bese libaguqulela emfanekisweni wakhe.

Inkolelo yokuthi ubulungiswa buka Nkulunkulu bekubiza igazi ifihla intukuthelo ehlezi emphefumlweni yabantu. Intukuthelo eqondiswe ekubhujisweni kweNdodana kaNkulunkulu sibe sithi siyamthanda futhi siyamhlonipha. Lentukuthelo enziwe emathempelini abahedeni iziveza kahle encithakalweni (yobuPapa) echazwa encwadini kaDaniel 8.

# 12. Iphasika nemithetho yemihlatshelo yaseSinayi

Ngendlela efanayo uNkulunkulu abamba ngayo isibuko ku-Adama ekwenzeni uhlelo lwemihlatshelo, iNkosi yenzela u-Israyeli umhlatshelo wePhasika.

> Khulumani kuyo inhlangano yonke yakwa Israeli, nithi, ngolweshumi lalenyanga yilowo nalowo makazithathele iwundlu ngokwezindlu zawoyise, kube yiwundlu ngendlu; uma abomuzi bengalaneli iwundlu, wolithatha nomakhelwane wakhe oseduze nomuzi wakhe njengenani labantu; kulelo nalelo wundlu anobala inani elithile njengokudla kwalowo nalowo muntu. Iwundlu malingabi nasici, libe ngeleduna, libe nomnyaka munye, nilithathe ezimvini noma ezimbuzini. Niyakuligcina kuze kube sosukwini lweshumi-nane lwaleyo nyanga; ibandla lonke lenhlangano yakwa Israyeli liyakulihlaba ngakusihlwa. Bazakuthabatha igazi, balibhece ezinsikeni zombhili zomnyango nasekhothameni lomnyango ezindlini abayakulidela kuzo. Exodus 12:3-7

Ngesikhathi beseGibhithe, abaningi bakwa Israyeli bancgoliseka ekukhonzeni kwabo uNkulunkulu. Ukugqilazeka kwabo enyameni kwakuveza ukugqilazeka kwabo enhliziweni.

> Sebegqilazeke impilo yabo yonke, babengazi lutho, bengaqeqeshekanga, behlile. Babenolwazi oluncane ngoNkulunkulu benokukholwa okuncane kuyena. Babedidekile

ngezimfundiso zamanga bemoshekile ngenxa yokuhlangana isikhathi eside nobuhedeni. Ed 34.1

Ukwehla kwabaka-Israyeli kwaletha usizi olujulile enhlizweni kaNkulunkulu nenNdodana yakhe. UKrestu wayelokhu eqhubeke ngokuthela igazi lempilo yakhe kubona ngoMoya wakhe babe bengazi ngokuhlupheka izenzo zabo ezimlethela khona. Ekuhlubukeni eGibhithe uKrestu wabethelwa.

Nezidumbu zabo ziyakusala ezitaladini zomuzi omkhulu othiwa ngokomoya iSodoma **neGibhithe, lapho neNkosi [yethu] yabethelwa khona.** Isambulo 11:8

Ngokubona kwezulu, iwundlu lephasika laliyisibuko sento u-Israyeli abelokhu eyenza kuKrestu eGibhithe. Kuma-Israyeli, igazi lewundlu lalihambisana nemibono yabo enokudideka ngemihlatshelo ngoba basebephile namaGibhithe iminyaka engamakhulu.

Ngesikhathi abakwa Israyeli besebugqilini eGibhithe, babezungezwe ukukhonza kwezithombe. **AmaGibhithe ayenamasiko maqondana nemihlatshelo**. Babengakuvumi ukubakhona kukaNkulunkulu ezulwini. Babehlabela izithixo zabo. Ngobukhazikhazi obukhulu nangohlelo benza izinkonzo zezithombe. Bamisa ama-Althari ukuze bahloniphe onkulunkulu babo, bafuna ngisho nezingane zabo ukuthi zidlule emlilweni. 1SP 267.2

Ngisho nabanye abakwa Israyeli babehlanganyela kulemikhuba yabahedeni, benza ukuthi izingane zabo zidlule emlilweni konkunlunkulu baseGibhithe.

Ngisho abanye abantwana bakwa Israyeli basebezehlisile ngokwenza lemikhuba enengekayo, uNkulunnkulu wenza ukuthi umlilo wokhele phezu kwezingane zabo, lezi ababezenza ukuthi zidlule emlilweni. Abakwenzanga konke okwabahedeni, kodwa uNkulnkulu wabamuka izingane zabo ngokwenza ukuthi ziqedwe umlilo zisathi ziyadlula kuwona. 1SP 268.1

Ekuqondeni kwethu isimilo sika Nkulunkulu, singathi uNkulunkulu wavuma ukuthi umlilo wokhele phezu kwezingane zabo, wavuma nokuthi zingabibikho ngoba umuntu uvuna akutshalile.

Siyaqaphela ukuthi u*Ellen White* uthini esigabeni esilandela lesi esiqeda ukusifunda.

> Ngenxa yokuthi abantu bakaNkulunkulu babenemibono enokudideka ngeminikelo nemihlatshelo, futhi benamasiko obuhedeni ekukhonzeni kwabo, **uNkulunkulu wehla ukuze abanike imiqondiso ecacile, ukuze bekwazi ukuqonda ukubaluleka kwaleyomihlatshelo** eyayizoma kuze kube iwundlu likaNkulunkulu lihlatshwe, elaliyisibonelo esikhulu sayo yonke iminikelo. 1SP 268.2

Kokubili, imithetho yePhasika eGibhithe Kanye nemithetho kaNkulunkulu eSinai maqondana nemihlatshelo kwakungukwehlela ekucabangeni kwabo ngemihlatshelo. Lokhu kusho ukuthi uNkulunkulu wayesebenzisa isibuko semibono abanayo ngemihlatsheo ukuze abafudise izifundo ezibalulekile. Uma sisebenzisa isicaphuno esisithatha ku-*Christs Object Lessons* esikhuluma ngesibuko, singafaka isihloko semihlatshelo kulesisigaba ukuze sibone ukuthi uNkulunkulu wayenzani.

> Kulokhu [imithetho yemihlatshelo] uKrestu wayehlangana nabantu enkundleni yabo. Imfundiso [yokuthoba ulaka lukaNkulunkulu ngegazi] yayibanjwe abaningi ababelalele amazwi kaKrestu. UMsindisi wayeyazi imibono yabo, ngaleyondlela wabeka amazwi [imithetho] akhe ngendlela yokuthi akwazi ukuletha amaqiniso abalulekile ngaleyo mbono abebenayo nanoma ibingesiwo. Wabeka phambi kwabalaleli bakhe isibuko lapho abazozibona khona ngokweqiniso kuNkulunkulu. COL 263.2 – adapted

Inani lemihlatshelo ebhalwe encwadini kaLevi kwakungu kwehlela emqondweni ka-Israyeli maqondana nemihlatshelo. Ku-Adama, noma uNowa,

noma u-Abrahama noma izingane zakhe, akekho okwathiwa kuye akenze imihlatshelo izinsuku zonke. Kodwa ethempelini lamaGibhithe ukukhonza kwakufaka phakathi imihlatshelo yokudla nokuphuza zonke izinsuku ilethwa konkulunkulu kanye nempepho namakha.[3] Nanoma ukunikela ngezilwane kwakungandile eGibhithe, kodwa babenikela ngazo izilwane. Izinga lokuhlaba izilwane lalandile eGibhithe ngokungathi lomkhuba waqala khona.[4]

Kulomqondo uNkulunkulu wehla wanikeza abakwa Israyeli imiyalo maqondana nemihlatshelo, wakwenza lokho ngokomqondo wabo ngemihlatshelo. Wayazi imibono abanayo ngalokho wahlela imithetho yakhe ngaleyombono efisa ukubafundisa amaqiniso abalulekileyo.

Futhi, kukulokhu la uNkulunkulu akwazi ukuthi ku-Israyeli ngesikhathi sikaJeremiya:

> Usho kanje uJehova Sebawoti, uNkulunkulu ka-Israyeli, Thasiselani iminikelo yenu yokushiswa emihlatshelweni yenu, nidle inyama. **Ngokuba angikhulumanga koyihlo, angibayalanga ngezindaba zeminikelo nemihlatshelo mhla ngibakhipha ezweni laseGibhithe,** Kepha ngabayala kuphela le nto yokuthi: lalelani izwi lami, ngiyakuba nguNkulunkulu wenu, nina nibe ngabantu bami, nihambhe ngezindlela zonke enganiyala ngazo ukuba kube kuhle kini. Jeremiya 7: 21-23

Imihlatshelo yansukuzonke yayihambisana nokuqonda kuka-Israyeli imihlatshelo, hhayi nokukaNkulunkulu. Ngokuba izindlela zikaNkulunkulu azisizo ezethu. (Isaya 55:8,9)

UNulunkulu wayengayifuni lemihlatshelo, wayefuna ukuthi belalele izwi lakhe, nokuthi bemlalele ngokwamukela uMoya wakhe; impilo yegazi lakhe.

Manje siyabona uhlelo lonke lwemihlatshelo ngokwesibuko, manje sesingabheka lesicaphuno ku *Patriarchs and Prophets*.

---

[3] https://www.ucl.ac.uk/museums-static/digitalegypt/religion/dailycult.html
[4] https://en.wikipedia.org/wiki/Animal_sacrifice

> Umangabe umuntu wayegcine umthetho kaNkulunkulu, njengalokhu wawunikezwe u-Adama emveni kokuwa, walondolozwa uNowa, wenziwa u-Abrahama, besingeke sibekhona isidingo sokusoka. Futhi ukube izizukulwane zika Abrahama zasigcina isivumelwano, okusoka kuluphawu lwaso, bebengeke bawele ekukhonzeni izithombe, noma bekungeke kube nesidingo sokuthi bagqilazeke impilo yabo yonke eGibhithe; bebezogcina umthetho kaNkulunkulu engqondweni, besingeke sibekhona isidingo sokumemezela umthetho eSinayi nokuwubhala ezibhebheni zamatshe. **Futhi ukube abantu bazenza izimiso zemithetho eyishumi, besingeke sibe khona isidingo semiqondiso engeziwe eyanikwa uMose.** PP 364.2

Uma abantu bakaNkulunkulu babethembeka besingeke sibe khona isidingo sokusoka, nobugqila, nemithetho eyishumi ebhalwe ematsheni, kanye nomthetho kaMose. Kuyisimiso esibalulekileyo okumele sisibambe. Lokhu akusho ukuthi alikho iqiniso kulezizinto, ngoba uNkulnkulu wafundisa abantu ngalezi zimiso.

Isibonelo, umthetho wesine okhuluma ngokuvumela inceku yakho nencekukazi yakho ukuthi baphumule uvumela ukuthi kubekhona ukugqilazeka kwabantu. Lamazwi ahlangana nabantu la abakhona, ngoba ubugqila abusiso isimiso esivela kuNkulunkulu, kodwa isimiso sokuphumula kweSabatha siphakade.

Ngalokuqonda, singaqala ukubona ukuthi uBaba wethu osezulwini akafisanga igazi eliphathekayo ukuze asihlanze izono zethu, kodwa usihlinzeke ngesipho seNdodana yakhe, ukuze sizophunyuka emangeni kaSathane okuthi sonke isono kumele sijeziswe. UKrestu wanikelwa ukuze asisize ukuthi sikhululwe emangeni okuthi uNkulunkulu angeke asixolele.

Ngiyakhuleka ukuthi ukubone lokhu kukhanya okuza ebantwini bakaNkulunkulu kulezinsuku zokugcina. Isimilo sikaBaba asinakho nhlobo ukufuna umhlatshelo nomnikelo ngenxa yesono. Konke akufunayo inhlizizyo

echobozekile kanye nomoya ophukile. Yithina abafuna igazi nokufa ngenxa yesono. Njengoba u*Waggoner* esifundisile:

> Ngokuqinisile umbono wokubuyisana noma womhlatshelo usho ukuthi kunentukuthelo okumele ithotshwe. Kodwa **qaphela ukuthi yithina abafuna umhlatshelo hayi uNkulunkulu**. {E.J. Waggoner, The Justice of Mercy, *Present Truth UK* Aug 30, 1894}

> Indaba yokubuyisana siyishiye lapho umbhalo oyibeke khona; futhi noma unokuningi okokusho ngokubuyisana noNkulunkulu, akaze usho lutho nakancane ngesidingo sokuthi uNkulunkulu abuyisane nabantu. Ukuvesa isidingo salokhu kuzobe kungukubeka icala esimilweni sika Nkulunkulu. **Lombono ufike ebandleni lamaKrestu uvela kuPapa naye awuthathe ebuhedenini, okungumbono wokuthi uNkulunkulu uyisidalwa okumele kuthotshiswe intukuthelo yaso ngomhlatshelo.** E.J. Waggoner, Present Truth UK, Sept 21, 1893.

Ngokwalokhu esikhuluma ngakho yonke imihlatshelo yegazi iyimihlatshelo yobuhedeni ngoba uNkulunkulu akaze ayifune. Kungukwehla kukaNkulunkulu okuyihlinzekelo njengesibuko ku-Adama, nokuthi azoyinika abakwa Israyeli. Ngoba yenzelwe ukuveza okusenhliziyweni yomuntu, futhi njengoba bonke abantu bengabahedeni ngokwemvelo, kuyalandela ukuthi yonke imihlatshelo ingubuhedeni; **Yonke imihlatshelo iyisibuko sentukuthelo nobutha bomuntu kuKrestu.** Kodwa phakathi kuka-Israyeli uNkulunkulu wakhuluma ngemibono abebenayo ukuze abafundise amaqiniso abalulekile. Ngaloluhlelo lwemihlatshelo uNkulunkulu wenza isono sabantu ukuthi sivame, kodwa lapho kuvame khona isono umusa wavama kakhulukazi (AmaRoma 5:20).

Manje kumele sithathe lezizimiso siyengazo encwadini kaDaniyeli. KuDaniyeli 8 sinikezwa izibonelo ngendaba yobutha bukaSathane esebenza ngomuntu ukubulala uKrestu, nokulwa omunye nomunye. UGabriyeli utshela uDaniyeli ukuthi kwenzekani ukuqeda lolulaka noma ubutha. (Dan 8:19).

# 13. Inqama nembuzi

Umkhuba wokuhlaba izilwane wawuvamile emazweni amaningi aphucukile.

> Ukuhlaba izilwane usiko lokubulala nokunikela isilwane esisodwa noma eziningi, ngokuvamile lokhu kuba yinxenye yokukhonza noma yokuthoba intukuthelo kankulunkulu noma nokuthandwa nguye. Umhlatshelo wezilwane ubuvamile entshonalanga kuze kube sekusabalaleni kobuKrestu ngezinsuku zamaGerike namaRoma, kuyaqhubeka kwamanye amasiko nezinkolo nanamuhla.[5]

Lomkhuba owande cishe umhlaba wonke ukhuluma amanga uSathane awatshala ekujuleni koluntu ukuthi isandla esingcwele sinyakaziswa yigazi kuphela. Kuyiqiniso ukuthi iningi lezinkolo zobuhedeni zalandela isibonelo sika Khayini ekwenzeni umnikelo wokudla kodwa umhlatshelo wezilwane iwona ohamba phambili ezinkolweni eziningi.

Njengama-Israyeli, abaseBhabiloni, amaGerike, namaRoma kanye nabanye, babenemikhosi ababehlonipha ngayo onkulunkulu babo. Wonke lamaqiniso akhuluma nathi, ukuthi njengokusho kuka-*Ellen White* ukuthi, abakwa Israyeli babedidwe omakhelwane babo eGibhithe futhi amasiko enziwa eSinayi ayefaka lokhu abakujwayele.

KuDaniyeli 8, sifunda ngokuhlanzwa kwethabanakele. UDaniyeli ubona embonweni impi phakathi kwenqama nembuzi. UGabriyeli utshela uDaniyeli ukuthi inqama imele amaMede nama Pheresiya nembuzi imele amaGerike.

> Inqama oyibonileyo inezimpondo ezimbili, zingamakhosi ase Mediya nasePheresiya. Lempongo iyinkosi yaseGerike, [Uphondo olukhulu olusemkhathini wamehlo ayo luyiNkosi yokuqala]. Dan 8: 20-21.

---

5 https://en.wikipedia.org/wiki/Animal_sacrifice

Lempi phakathi kwamaGerike nama Peresiya ikhuluma ngobutha obuhlezi enhliziweni yomuntu kumakhelwane wakhe. Kunesigaba sesiprofetho esiku Daniyeli 8 esisinika uhlelo lwezehlakalo kusukela esikhathini samaPheresiya kuze kufike ukuqala kokuhlanzwa kwethabanakele ngo 1844.

Kodwa izehlakalo zomlando wabantu zithelelwe ukusebenza okufihlekile kwezingelosi ezimbi nezinhle; UKrestu uhola izingelosi ezinhle kanti noSathane uhola ezimbi. Siyasazi isimiso sokudlula kokubonwayo siyekokungabonwa ezindaweni ezifana neSambulo 12.

> Kwabonakala esinye isibonakaliso ezulwini; bheka nango udrako omkhulu obomvu, enamakhanda ayisikhombhisa nezimpondo eziyishumi, nasemakhanda akhe enemiqhele eyisikhombhisa; umsila wakhe wadonsa okwesithathu kwezinkanyezi zezulu, waziphonsa emhlabeni. Nodrako wema phambi kowesifazane obezakubeletha, ukuze kuthi nxa esebelethile, ashwabadele umntwana wakhe. Isambulo 12: 3-4

Inchazelo ebonakalayo kulesisigaba sikhuluma ngodrago emele iRoma ngomuntu uHerodi owayephansi kolawulo lamaRoma, kanye necebo lakhe lokubulala uKrestu mhla ezalwa. Ukuwa kwezinkanyezi kumele ukushushiswa nokubulawa kwabaholi abaningi bakwa-Israyeli. Bheka ukuthi u-*Uriah Smith* ukuchaza kanjani lokhu.

> Udrago wadonsa ingxenye yesithathu yezinkanyezi zase zulwini. Uma izinkanyezi eziwu 12 ebeziqhelilisiwe owesifazane, okusetshenziswe lana njengomfanekiso, kusho abafundi abawu12, okusho ukuthi lezinkanyezi ezalahlwa phansi udrago phambi kokuthi azame ukubulala umtwana wesilisa, **noma phambi kwesikhathi samaKrestu, abaningi bathi kusho ababusi bamaJuda** – Uriah Smith – Daniel and Revelation.

U-*Uriah Smith* uchaza izehlakalo ezibonakalayo, kodwa lezizehlakalo zibuye zichaze impi eyokuqala ezulwini.

> Ngesikhathi uSathane eba nokunganeliseki ezulwini, akabekanga isikhalazo sakhe phambi kukaNkulunkulu noKrestu; kodwa waya phambi kwezingelosi ezazicabanga ukuthi uphelele wazitshela ukuthi uNkulunkulu akenzanga ubulungiswa kuye ngokukhetha uKrestu eskhundleni sakhe. Imphumela yalokhu kunganeliseki kwaba ngukuthi ngokuzwelana naye **ingxenye yesithathu yezingelosi yalahlekelwa ubumsulwa bazo, isikhundla sazo kanye nekhaya lazo lenjabulo**. USathane ufaka kubantu ukuthi abaqhubeke emhlabeni nomsebenzi ofanayo womona nokucabanga okubi awuqala yena ezulwini. { 5T 291.1}

Isambulo 12:2-3 sikhuluma hhayi kuphela ngokulahlwa okubonakalayo kwabaholi bakwa Israyeli ngamaRoma eminyakeni engu 2000 edlulile, kodwa ifaka nomlando ongabonwayo kaSathane udrago elahla ingxenye yesithathu yezingelosi zasezulwini ekuqaleni.

Sibona isimiso esifanayo encwadini kaHezekeli lapho umprofethi echaza ngenkosi yase Tire.

> Izwi likaJehova lafika kimi, lathi: **Ndodana yomuntu, yisho enduneni yaseTire**, uthi: 'Isho kanje iNkosi uJehova, ithi: Ngoba inhliziyo yakho iphakeme futhi wena wathi: NginguNkulunkulu, ngihlezi esihlalweni sobukhosi sikaNkulunkulu, phakathi kolwandle; nokho ungumuntu hhayi uNkulunkulu, ngisho noma ubeka inhliziyo yakho njengenhliziyo kaNkulunkulu. Bheka, uhlakaniphe kunoDaniyeli; akukho imfihlo abangakufihlela yona; Ngokuhlakanipha kwakho nangokuqonda kwakho uzizuzele ingcebo, wafumana igolide nesiliva engcebeni yakho. Ngokuhlakanipha kwakho okukhulu nangezenzo zakho wandise inotho yakho, futhi inhliziyo yakho yaphakama ngenxa yenotho yakho. Ngalokho isho kanje iNkosi uJehova, ithi: Ngokuba ubeke inhliziyo yakho njengenhliziyo kaNkulunkulu, UHezekeki 28:1-6 NKJV

Inxenye esesele ka Hezekeli 28 isinika inchazelo ngezenzo zikaSathane nesiphetho sakhe. Kodwa inxenye ebonakalayo isibonisa umsebenzi kaSathane ngenkosi yase Tire. Inxenye engabonakali isibonisa umsebenzi kaSathane. Uma sibukisisa igama elithi "inkosana yase Tire" bese siqhathanisa nezehlakalo ezenzeka encwadini kaDaniyeli, sibona into ethathekisayo kakhulu:

> Bheka, kwangithinta isandla, sangimisa emadolweni ami nasezintendeni zami; Yathi kimi; Daniyeli, indoda ethandekayo, qonda amazwi engiwakhuluma kuwe, ume uqonde, ngokuba manje ngithunyiwe kuwe. Lapho ekhuluma lelizwi kimi, ngema ngithuthumela. Yayisithi kimi: "Ungesabi, Daniyeli, ngokuba kusukela osukwini lokuqala owabeka ngalo inhliziyo yakho ekuqondeni nasekukujeziseni phambi kukaNkulunkulu wakho, amazwi akho ezwiwa, mina ngizele amazwi akho. **Kepha isikhulu sasembusweni wasePheresiya wamelana nami izinsuku ezingamashumi amabili nanye; kodwa bheka, uMikayeli, omunye wezikhulu zokuqala, weza ukungisiza,** noma kade ngishiyiwe ngedwa khona namakhosi asePheresiya. Daniyeli 10:10-13 NKJV

UGabriyeli ufika kuDaniyeli ukuzomchazela izinto ezithize. Uyamtshela ukuthi ubebanjiwe ukuza kuye, ebanjwe yinkosi yombuso wamaPheresiya. Kodwa lowoMikayeli, onguKrestu, wamsiza. Ngakho-ke inkosi yombuso wasePheresiya kwakunguSathane uqobolwakhe esebenza ngenkosi yasePheresiya. Kodwa uMikayeli benoGabriyeli bamqoba uSathane ukuze bezokhuthaza inkosi ukuthi ikhulule u-Israyeli ebuyele ezweni lakubo.

> Ngeskhathi uSathane ezama ukuba nomthelela emandleni amakhulu embusweni wamaMede namaPeresiya ukuze aveze inzondo kubantu bakaNkulunkulu, izingelosi zabasebenzela abathunjwa. Lempi yayinakwe izulu lonke. Ngomprofethi uDaniyeli sinikwa isithombe sempi enkulu phakathi kwamandla okulunga namandla omubi. **Amaviki amathathu uGabriyeli**

> **walwa namandla obumyama, ezama ukuphikisana nemithelela eyayisebenza engqondweni kaCyrus; phambi kokuba impi ivalwe, uKrestu uqobo lwakhe wafika kuGabriyeli ukuzomsiza.** “Inkosana yombuso wama Pheresia yamelana nami izinsuku ezingamashumi amabili nanye” kusho uGabriyeli; “kodwa bheka, uMikayeli, enye yama yamakhosana amakhulu, yafika ukuzongisiza; ngasengisala lapho namakhosi asePheresiya.” Daniyeli 10:13. Konke izulu elalingakwenzela abantu bakaNkulunkulu lakwenza. Kwagcina kufikile ukunqoba; amandla esitha abanjwa zonke izinsuku zikaCyrus, nazozonke izinsuku zendodana yakhe u*Cambyses* owabusa iminyaka eyisikhombisa nohhafu. Prophets and Kings 571.2

USathane yinkosi yalomhlaba, kodwa uKrestu uyinkosi yamakhosi omhlaba. (Isambulo 1:5). USathane uthathe igunya likaJesu embusweni yomhlaba, kodwa uKrestu uyena umbusi osemthethweni. Ngakhoke noma uSathane ubelawula amaPheresiya, ezehlakalweni zaku Daniyeli 8, uKrestu ubevumela inkosi yakwa Israyeli ukuthi ibuyele ekhayalayo. U-Isaya waprofetha ngomsebenzi kaKrestu ngo *Cyrus*, inkosi yase Pheresiya.

> Oshoyo ngoKoresi ukuthi: ‘**Ungumelusi wami**, uyakufeza konke okwentando yami, athi ngeJerusalema: Liyakwakhiwa, nakulo ithempeli, isisekelo sakho siyakubekwa. Isaya 44: 28

Umhubi uthi, “UJehova ungumelusi wami” bese uKrestu uqobo lwakhe esitshela ukuthi:

> Ngingumelusi omuhle, ngiyazazi izimvu zami nami ngiyaziwa ezami Johane 10:14

Kokunye ukuqhathanisa sibona umsebenzi womlayezo kaJohane umbhaphathizi ekulungiseni indlela kaKrestu, ogcotshiweyo ozayo, nalokho okwenziwa uKoresi ekubhubhiseni iBhabhiloni.

> **Usho kanje uJehova kogcotshiweyo wakhe**, kuKoresi, osandla sakhe sokunene ngisibambhile ukuba ngahlulele izizwe phambi

> kwakhe, ngithukulule izinkalo zamakhosi, ngivule iminyango phambi kwakhe, amasango angabe esavalwa. **Mina ngiyakuhambha phambi kwakhe, ngihlelembhe amagebhugebhu**, ngaphule izivalo zethusi nginqamule imigoqo yensimbi. Isaya 45: 1-2

> Izwi liyamemeza lithi, Lungisani ehlane indlela kaJehova, nihlelembhe oqwathuleni umgwaqo kaNkulunkulu wethu. Zonke izigodi ziyakuphakanyiswa, zonke izintaba namagquma kuyakwehliswa; **amagebhugebhu ayakuhlelenjwa**, nemigoxigoxi iyakuba yithafa. Inkazimulo kaJehova iyakubonakaliswa, yonke inyama ikubone kanyekanye, ngokuba umlomo kaJehova ukhulumile." Isaya 40: 3-5

Izehlakalo zikaKoresi enqoba iBhabhiloni eshintsha umfula u-*Eufrethi* ukuze ezongena edolobheni ziyasetshenziswa olimini lwezinhlupho zokugcina eziyisikhombhisa ukulungisela indlela yenkosi yase Mpumalanga, okusho ukubuya kukaKrestu.

> Eyesithupha yathululela isitsha sayo Emfuleni omkhulu u-Ewufrathe; kwase kusha amanzi awo, ukuze indlela ilungiselwe amakhosi avela empumalanga. Isambulo 16:12

IPheresiya lakhulula u-Israyeli ebugqilini base Bhabhiloni basebebakhulula babasimamisa ezweni labo. Yonke lemifuziselo ihlanganisa isbonelo senqama nomsebenzi kaKrestu.

Umfanekiselo wembuzi uyazingenela ku-Azazeli, inqama esetshenziswa enkonzweni yosuku lokubuyisana.

> Amahumusho amaningi ashiya igama lesiHeberu elimele inqama ethiwa ngu-Azazeli bengalihumushanga, njengoba kungekho kudideka ngenchazelo yalo. Abafundi abaningi kanye namaJuda babambe ukuthi u-Azazeli usho umoya ongaphezu kowomuntu onenzondo, cishe bonke bayavumelana ngokuthi inchazelo yalo isho ukuthi "lowo osusayo," "umsusi," phecelezi lowo osusa

> ngezenzo eziningi.” Abanye bathi kuhlanganisa u’Az, “imbuzi” no ‘Zazel’, osho ukuhamba,”.
>
> Njengoba enye imbuzi ingeka Nkulunkulu, umuntu oyedwa, kanjalo nenye imbuzi kumele ibe ngeyomunye; njengoba ngokucacile ziphikisana, umbono osobala kuzoba ukuthi u-Azazeli umi ephikisana neNkosi, yingakho kungasiye omunye ngaphandle kukaSathane. – SDA Bible Commentary on Lev 16:8

Umfanekiselo wezimbuzi ezimbili usiyisa ezehlakalweni zase Khalvari ngesikhathi u-Israyeli ebuzwa yiRoma ukuthi bakhetha bani phakathi kukaKrestu noBharabha. UKrestu waba umhlatshelo kwathi uBharabha wahamnjiswa kodwa akabulawanga. UKrestu ufanekiswa njenge wundlu elahlatshwa ngoba wenziwa isono ngenxa yethu; wabulawa ngokohlelo lobulungiswa buka Sathane.

Uma sifunda ngeziprofetho zikaDaniyeli, sibona izehlakalo ezibonakalayo zichazwa njengeziprofetho zezehlakalo zomuntu, kodwa lezizehlakalo zilawulwa umhlaba wakomoya ngalokho lempi eyaqalwa uSathane ezulwini ivezwa izehlakalo zomlando wabantu lapho uSathane aqhubeka khona nempi yakhe.

> Impi yokulwa nomthetho kaNkulunkulu yaqala ezulwini. USathane wayekuhlosile ukuletha uNkulukulu embonweni yakhe, endleleni yakhe, ukuze amphoqe ukuthi ashintshe umthetho wombuso wakhe. Yilokhu okwaqala impi ezulwini. USathane wavusa uzwelo lwezingelosi ngokuziphatha kokuzenzisa, kodwa waxoshwa ezulwini, kodwa manje uzimisele ukuqhubeka namacebo akhe emhlabeni awaqala ezulwini. 12MR 37.1

Njengoba sibonile kuSambulo 12, izehlakalo ezihlangene nabaholi bamaJuda ewiswa phambi kokufika kwesikhathi sika Kresu, okwasinika iwindi lokulunguza lapho okwaqala khona impi ezulwini, kanjalo nezehlakalo ezikuDaniyeli 8 zisinika iwindi ngempi eyaqala ezulwini ngempi ephakathi kwamaMede nama Pheresiya kanye nama Gerike.

Yilapho khona ukuqonda iphethini likaNkulunkulu kuba namandla encwadini kaDaniyeli kanye neSambulo. Okungabonwa kuvezwa okubonwayo. Impi yasemhlabeni okukhulunywa ngayo kuDaniyeli nakuSambulo isivezela impi yasezulwini nezinto ezimqoka kulempi.

## 14. INchazelo Ngezimpondo

Maqondana nenqama, uDaniyeli ubona izimpondo ezimbili:

> Ngase ngiphakamisa amehlo ami, ngabona bheka, kwakumi phambi komfula inqama inezimpondo ezimbili; lezo zimpondo ezimbhili zazithaphile, kepha olunye lwaluthaphe kunolunye, oluthaphileyo lwavela muva. Daniyeli 8:3

Izimpondo ebhaybhelini zimele inkosi noma amandla enkosi.

> Abalwa noJehova bayakuphahlazwa; uyakuduma ezulwini phezu kwabo; uJehova uyakwahlulela amajukujuku omhlaba, **anike inkosi yakhe amandla, aphakamise uphondo logcotshiweyo wakhe.** 1 Samuweli 2:10

> UJehova uyidwala lami nenqaba yami, uNkulunkulu wami uyidwala lami nesihlangu sami, **nophondo lokusindiswa kwami**, inqaba yami ephakemeyo. Amahubo 18:2

> Impongo iyinkosi yaseGerise; **uphondo olukhulu olusemkhathini wamehlo ayo luyinkosi yokuqala**. Daniyeli 8:21

USamuweli ugcwalisa uphondo ngamafutha ukuze azogcoba uDavide njenge nkosi. Uphondo lungumthombo wamandla okukulo uMoya kaNkulunkulu othelwa ngalo enkosini. Kuyangena nokuthi ukuvela kwenkosi entsha kufuneka kwenziwe ngokusebenzisa uphondo, okumele inkosi uqobo lwayo.

> UJehova wathi kuSamuweli: "uyakumkhalela kuze kube nini na? Ngokuba ngimlahlile ukuba angabe esaba yinkosi phezu kuka

> Israyeli. Gcwalisa uphondo lwakho ngamafutha, uhambhe; ngiyakukuthuma kuJese waseBetlehema, ngokuba ngizibonele inkosi phakathi kwamadodana akhe." 1 Samuweli 16:1

Singabheka izimpondo ezimbili zenqama zimele iphethini engcwele enguhulumeni nobukhosi base zulwini. UBaba ungumsusa nomthombo, uthela uMoya wakhe phezu kweNdodana eyakhula yaba yikukhanya kwenkazimulo kaBaba ngaleyo ndlela yakhula ukudlula uphondo lokuqala.

> Ngakhoke uNkulunkulu wamphakamisa kakhulu, wamnika igama eliphezu kwamagama onke, kuze kuthi ngegama likaJesu amadolo onke aguqe, awabasezulwini, nawabasemhlabeni, nawabangaphansi komhlaba. Nezilimi zonke zivume ngokuthi uJesu Kristu uyiNkosi, kube yinkazimulo kuNkulunkulu uYise. KwabaseFilipi 2: 9-11

USathane, owayehlonishwa emva kukaKrestu, wayengumbulali kusukela ekuqaleni. Njengoba imbuzi ivezwa ngokuthi icasukele inqama ku(Daniel 8:6), kanjalo uSathane wayecasukele iNdodana kaNkulunkulu.Ubutha uSathane anabo kuKrestu buvezwa umsebenzi wembuzi kwinqama.

> Ngobuningi bokuthenga kwakho **wagcwaliswa ngobudlova**, **wonile**; ngalokho ngakulahla ungcolile entabeni kaNkulunkulu, ngakuchitha wena kherubi elisibekelayo, ungabikho phakathi kwamatshe omlilo. Hezekiya 28:16

Amandla kaSathane amanga akhe. Yilezi kuphela izinto ezivela kuye. Konke okunye anakho ukunikwe uNkulunkulu. Lokhu kuqhubeka kuchazwe ngokuphakamisa okubi ngendlela yokukhuluma.

> Ngithe kwabazidlayo: "ningazidli, **nakwababi**: "ningaphakamisi uphondo. **Ungaluphakamisi uphondo lwakho phezulu; ungakhulumi ngentami elukhuni**." Amahubo 75: 4-5

Amazwi noma amanga kaSathane amnika amandla.

> Lowo okufika kwakhe kungokokusebenza kukaSathane ngawo onke amandla, nezibonakaliso, nezimangaliso zamanga. 2 Thesalonika 2:9

Imbuzi yayinophondo olubonakalayo phakathi kwamehlo ayo:

> Kwathi ngisakucabanga lokhu, kwafika impongo evela entshonalanga [ebusweni bawo wonke umhlaba], ingawuthinti umhlaba kodwa; impongo yayinophondo olumangalisayo phakathi kwamehlo ayo. Daniyeli 8:5

Loluphondo oluphakathi kwamehlo alembuzi amele uSathane kanye namanga awakhuluma maqondana nesiqu nemvelaphi yeNdodana kaNkulunkulu, kanti amandla alamanga ahlezi ekutheni abanye bawakholwa lawomanga.

> Izingelosi zaxoswa ezulwini ngoba zazingasebenzisani ngokuzwana noNkulunkulu. Zawa ezingeni ebeliphezulu ngoba zazifuna ukuphakanyiswa. **Zaseziziphakamisa zona, zakhohlwa ukuthi ubuhle bazo nobesimilo sazo kuvela kuNkosi uJesu. Leliqiniso izingelosi [ezawa] zazama ukulifihla, ukuthi uKrestu ingozelwe yedwa kuNkulunkulu, futhi zaphetha ngokuthi azisayikubuza lutho kuKrestu**. { TDG 128.2 }

Imbuzi yagijima yaya kwinqama yayihlaba ngophondo lwayo olucijile. Amandla aloluphondo olumangalisayo ayequkethe amanye amanga amane ayengabonakali kuze kwaba ukuvela kwamanga okuqala, ngoba emveni kokuba uphondo olubonakalayo seluphukile, kwakhula ezinye izimpondo ezine endaweni obekukhona olulodwa.

> Impongo yakhula kakhulu; kwathi lapho isinamandla, uphondo olukhulu lwaphuka; kwasekuvela ezine [izimpondo] ezimangalisayo ngemva kwemimoya emine yezulu. Daniyeli 8:8

Ngokufihla iqiniso lokuthi uJesu uyiNdodana ezelwe, iphethini kaNkulunkulu engcwele neligugu yobudlelwano phakathi kukaBaba neNdodana lwaphuka. Lokhu kwaphula amandla ezimpondo ezimbili zenqama. UKrestu uyena

kuphela oyindlela eyakuBaba. Ngesikhathi uSathane ehlasela isiqu nemvelaphi yenNdodana kaNkulunkulu, lelosango lafihleka. Zonke izingelosi zathinteka ngamanga kaSathane. Njengalokhu sicaphunile kwisahluko sesibili.

> Kwakunzima ukuveza amanga kaSathane. Amandla akhe okukhohlisa akhula ngokulokhu ewasebenzisa. Uma engakwazi ukuzivikela kumele agxeke omunye, ukuze ezovela elungile. Ukuze **enze uNkulunkulu avele enesihluku futhi enesandla esiqinile. Ekusithekeni wahlebela ezinye izingelosi ngokungeneliseki kwakhe. Ekuqaleni kwakungenamizwa evelayo emelene noNkulunkulu; kodwa imbewu yase itshaliwe, ngalokho uthando nokwethemba kwezingelosi kwalimala. Ukuxhumana okumnandi phakathi kwazo noNkulunkulu wabo kwanqamuka. Zonke izinyathelo zazibhekiwe; zonke izenzo zazibhekwa ngokukhanya uSathane azenza ukuthi zibone ngayo izinto** {*Review and Herald*, September 7, 1897 par. 3-4}

Esibonekiselweni sezimpondo ezimbili zenqama ezaphuka, sibona ukuthi u-*Ellen White* uyasho ukuthi ukuxhumana okumnandi phakathi kukaNkulunkulu nezingelosi kwaphuka. Zonke izingelosi zinganakile zase zimbheka uNkulunkulu ngezibuko ezikaSathane.

UNkulunkulu wangenelela ngokubiza zonke izingelosi wazichazela iqiniso ngobudlelwane bakhe neNdodana yakhe.

> INkosi yomhlaba yabiza zonke izidalwa zase zulwini phambi kwayo, ukuze phambi kwazo **aveze sobala isikhundla sangempela seNdodana yakhe bese eveza ubudlelwano anabo nezidalwa zonke azenzile. INdodana kaNkulunkulu yayinaye esihlalweni sokubusa, nenkazimulo Yophakade ongadalwanga, yayibazungeze bobabili**. Phambi kwesihlalo kwakuzungeze izigidi ngezigidi eziyizi nkulungwane zezinkulungwane (Isambulo 5:11), zezingelosi eziphakeme, eziyizithunywa, ezazithokozela ukukhanya okwakuwela kuzo kusuka ebukhoneni bukaNkulunkulu. **Phambi kwezigidi zase zulwini iNkosi**

**yamemezela ukuthi akekho omunye ngaphandle kukaKrestu, ozelwe yedwa kuNkulunkulu, owayengangena ezinhlosweni zakhe, futhi kuyena kwakunikwe ukufeza iziluleko zentando yakhe.** INdodana kaNkulunkulu yayenza intando kaBaba ekudaleni zonke izidalwa zasezulwini; **futhi kuyena kanye nakuNkulunkulu, udumo nenhlonipho kwakumele iye**. UKrestu kwakusamele asebenzise amandla angcwele, ekudaleni umhlaba kanye nakho konke okukuwo. Kodwa kukho konke lokhu angeke afuna amandla noma azituse yena ngokuphikisana necebo likaNkulunkulu, kodwa uzophakamisa inkazimulo kaBaba bese efeza izinhloso zakhe zokupha kanye nothando. PP 36.2

Lesigameko saphula amandla kaSathane ezingelosini. Ngisho uSathane uqobo lwakhe wathoba, nenhlizizyo yakhe yayakuBaba neNdodana ngothando

Izingelosi ngokuthokoza zavuma ubukhulu bukaKrestu, zazilahlela phambi kwakhe, zathulula uthando lwazo nokudumisa. *ULucifer* wazilahla kanye nazo, kodwa enhliziweni yakhe kwakukhona impi engajwayelekile evuthayo. Iqiniso, ukulunga, nokwethembeka kwakulwisana nomona nobuvi. Umthelela wezingelosi ezingcwele okwesikhashana wamthwala kanye nazo. Ngesikhathi izingoma zokudumisa zinyukela phezulu ngozwilili omnandi, uhutshwa amazwi ayizinkulungwane ajabule, **umoya omubi kwabangathi unqotshiwe; uthando olungakhulumeki lwagcwala umzimba wakhe wonke; wadonseka umphefumulo wakhe, ngokuzwana nokuhambisana nezikhonzi ezingenasono, ngothando ezaziluyisa kuBaba neNdodana yakhe.** PP 36.3

Kodwa masinyane emveni kwalokhu ukuphakama kukaSathane kwaphenduka. Amanga amane uSathane ayewandlale ngaphansi kokufihla isiqu nemvelaphi yeNdodana kaNkulunkulu kwagqama kwaqala ukukhula. Lamanga ahlangene

ne*Pentagon yamanga*.[6] Siyaqaphela ukuthi imbuzi yamila izimpondo eziyisihlanu ngoba kwamila olunye uphondo oluncinyane kulezi ezine.

> Impongo yayisizikhulisa kakhulu; kwathi lapho isinamandla, uphondo olukhulu lwaphuka; esikhundleni salo kwamila ezine ziqhamela ngasemimoyeni yomine yezulu. Kolunye lwazo kwaphuma uphondo oluncane, olwakhula lwaba lukhulu kakhulu, eningizimu, nasempumalanga, nasezweni elimnandi. Daniyel 8:8,9

Lokhu kwenza izimpondo ezine zenze iphethini ka 3+1. Isibonelo, kunezinsimbi ezine ezichazwayo kuDaniel 2, kodwa insimbi yesine ihlukile ngoba masinyane iba isixutshwa nebumbha. KuDaniel 7, izilo ezine ziyachazwa, kodwa lesisilo sesine sihlukile kwezinye.

> Emva kwalokho ngabona emibonweni ebusuku; bheka, isilo sesine, esesabekayo, sinamazinyo amakhulu ensimbi, sadla, saphula, sanyathela okuseleyo ngezinyawo zaso; **sahlukile kuzo zonke izilo ezazingaphambi kwaso**; sasinezimpondo eziyishumi. Daniyeli 7:7

Futhi, kunamadoda amane agxeka uJobe, kodwa leyesine ihlukile kulawa amanye; yafika ekugcineni futhi uNkulunkulu akakhulumi nayo ekugcineni. Siphinde sibone lephethini ekwakhiweni kwethabanakele lasemhlabeni. Kwakunamathempeli amane akhiwa kodwa elesine lalihlukile.

1. Ithabanakele lika Mosi
2. Ithempeli lika Solomoni
3. Ithempeli lika Zerubbabel
4. Ithempeli lika Herodi elalithatha iskhundla saleli elaselidlulile, elalisekwe yiRoma ngezimali.

[6] Bheka incwadi *Escaping the Pentagon of Lies available from maranathamedia.com*

Lephethini ize ifinyelele emavangelini amane. Lamavangeli amathathu ahambhisanayo kanye nevangeli lika Johane elithe ukuhluka kulawa amathathu. Ngokweqiniso lokhu kuvulela iminyango eminingi ezihlokweni ezihlukile esingazibheka, kodwa manje sibuyela empini yase zulwini.

Ekuphikeni ukuthi uJesu uzelwe nguBaba futhi ukweleta yena ngempilo yakhe, uSathane wasungula amanga okuthi izingelosi ziyizidalwa ezinempilo ngokwazo.

> Kancane kancane *uLucifer* wazitika ngesifiso sokuziphakamisa. Umbhalo uthi, "Inhlizizyo yakho yakhukhumala ngobuhle bakho, wonakalisa ukuhlakanipha kwakho ngokukhazimula kwakho." Hezekiya 28:17. Wena wathi enhliziweni yakho: Ngizaphakamisa isihlalo sami sobukhosi phezu kwezinkanyezi zikaNkulunkulu… ngizofana noPhezukonke. Isaya 14:13,14 **Noma yonke inkazimulo yakhe yayivela kuNkulunkulu, lengelosi enkulu yagcine isithatha ngathi lungolwayo**. PP 35.2

> Inhlonipho enkulu eyayinikwe *uLucifer* akayibonanga ngokubonga kuMenzi wakhe njengesipho esiligugu esivela kuNkulunkulu. **Wazishaya isifuba ngokukhanya kwakhe nokuphakama kwakhe wase waphokophelela ukulingana noNkulunkulu.** {PP 37}

Ukuphika ukuthi uJesu uyiNdodana ezelwe, kwaholela uSathane ngokwemvelo ukuba ekholwe ukuthi ukuphila kwakhe kuvela kuyena. Lamanga okuthi ukuphila kuqhamuka ngaphakathi kwaholela empini nomthetho kaNkulunkulu.

> USathane wayelwa nomthetho kaNkulunkulu, ngenxa yokuthi wayephokophelela ukuphakamisa umina, futhi wayengafuni ukuthobela ulawulo lweNdodana kaNkulunkulu, umlawuli omkhulu wasezulwini… **Wathi izingelosi aziwudingi umthetho; kodwa kufuneka ziyekelwe ukuthi zikhululeke ukuthi zilandele intando yazo, ezohlezi iziholela kokulungile.** {1SP 22}

Umthetho uyisisekelo sesimilo sikaNkulunkulu. Njengoba zonke izidalwa zikweleta impilo yazo kuNkulunkulu, umthetho wawuveza inkululeko. Ngamanga empilo engaphakathi, uSathane waveza umthetho njengento ecindezelayo nenqabelayo.

> UNkulunkulu ulindele ukuphelela kwezingane zakhe. Umthetho uyisisekelo sesimilo sakhe, njalo ungumgangatho wasosonke isimilo. {COL 315.1}
>
> Umthetho wothando uyisisekelo sikahulumeni kaNkulunkulu, ukujabula kwazo zonke izidalwa kwakuncike ekuhambisaneni nezimiso zawo eziphakeme zokulunga. {PP 34.3}
>
> Indodana kaNkulunkulu yabeka phambi kwakhe ukuphakama, ubuhle, Kanye nobulungiswa bomdali, kanye nemvelo engashintshi yomthetho ongcwele. UNkulunkulu uqobo lwakhe owayenze uhlelo lwasezulwini; kanti ekusukeni kulo, *uLucifer* ubezophoxa uMdali wakhe azilethele ukubhubha. {PP 35.3}

Kulezizehlakalo ezine siyabona amaphuzu amane ayenza izimpondo ezine zembuzi:

1. Ukuqamba amanga ngokuthi uKrestu wazalwa
2. Ukuqamba amanga ngokuthi ukuphila kuvela ngaphakathi
3. Ukuqamba amanga ngokuthi umthetho awudingeki
4. Ukuqamba amanga ngokuthi uNkulunkulu uyacindezela futhi unesimilo esilawulanayo

Lezizimpondo ezine zime esikhundleni samanga kaSathane okuqala maqondana nendodana kaNkulunkulu. Amanga okuqala aqhubeka ebonakala kulawa amane. Asuka ebutheni uSathane anabo ngoKrestu kanye nesifiso sakhe sokuthi ambulale. USathane wabamba cishe uhhafu wezingelosi ngalamanga akhe.

> USathane ngokukhulu ukuziphakamisa wakhomba ababezwelana naye, okwakuyihhafu yengxenye yezingelosi, wathi, laba banami! 1SP 22.2

Emveni kokuba uNkulunkulu enze kwacaca isikhundla seNdodana yakhe, iningi labazwelana noSathane badonseleka ekubuyeleni kuNkulunkulu. Ukuze azoqinisekisa abangabakhe, uSathane wasungula amanye amanga aqondene nomthetho kaNkulunkulu.

> Abaningi abazwelana noSathane badonseleka ekulaleleni isixwayiso sezingelosi ezazithembhekile, nokuthi baphenduke ekunganelisekini, **bese beyabuyiselwa futhi ekuthembeni uBaba neNdodana yakhe ethandekayo.** Umhlubuki omkhulu waqhubeka wathi **<u>uwazi kahle umthetho kaNkulunkulu</u>**, futhi... **yena uqobo kanye nabo sebehambhe kakhulu ukuthi bangabuyela emuva**, uzomelana nemiphumela; ngoba into nje angeke ayenze ukukhothamela iNdodana kaNkulunkulu; **nokuthi uNkulunkulu angeke axolele**, futhi manje kwamele bathathe **inkululeko yabo ngendluzula** kanye nesikhundla negunya ababencishwa lona. {1SP 20.2}

Lokhu kwaholela uSathane ukuthi esungulule imfundiso enstha maqondana nobulungiswa.

> Ekuvulweni kwempikiswano enkulu, uSathane wathi umthetho kaNkulunkulu awugcineki, nokuthi ubulungiswa abuhambhisani nomusa, nokuthi uma **umthetho uke wophulwa, akuna kwenzeka ukuthi isoni sixolelwe. Sonke isono kumele sibhekane nesijeziso,** kusho uSathane; nokuthi uma uNkulunkulu engasusa isijeziso sesono, uzobe engasiye uNkulunkulu weqiniso nobulungiswa. {DA 761.4}
>
> **Kolunye lwazo kwamila uphondo oluncane olwakhula kakhulu** ngaseningizimu, nangasempumalanga, nangasezweni elihle. Daniyeli 8:9

Lawa kwakungamanga/uphondo olusha-sha olwakhula ekulweni kukaSathane nomthetho. USathane wayeseshilo ukuthi izingelosi aziwudingi umthetho. Manje uSathane usehlasela ngolunye uhlangothi oluhlukile. Uthi yena uphakamisa umthetho ngezimiso zakhe zobulungiswa, kodwa inhloso yakhe enkulu ukuqeda umthetho, ngokuthi awuveze ekukhanyeni okungesikho.

> Amandla okugxeka akaSathane amholela ekutheni asungulule **imfundiso yobulungiswa obungahambhisani nomusa**. Uthi ukhuluma njengelizwi namandla akaNkulunkulu, uthi izinqumo zakhe ziwubulungiswa, zihlanzekile futhi azinaphutha. Ngaleyondlela uthatha **isikhundla sakhe esihlalweni sokwahlulela bese ethi izeluleko zakhe azinaphutha.** Ilapho ubulungiswa bakhe **obungenamusa bungena khona, ubulungiswa mbhumbhulu, obunengekayo kuNkulunkulu nobumzondayo**. {CTr 11.4}

> Isihlalo sobubi siyakuhlanganyela nani nina abaceba okubi ngomthetho na?  Amahubo 94:20

Ngalamanga obulungiswa bamanga, uSathane waphumelela ukuthatha naye ingxenye yesithathu yezingelosi zasezulwini. Bakholwa ukuthi uNkulunkulu akakwaz ukubaxolela, ngaleyo ndlela uNkulunkulu akakwazanga ukubaxolela. Njengokwahlulela kwabo, kwenzeka njalo.

> Lwakhula kwaze kwaba nasebandleni lasezulwini **lwaphonsa phansi okunye kwebandla, [nokunye] kwezinkanyezi**, lwakunyathela.  Daniyeli 8:10

> Kwabonakala esinye isibonakaliso ezulwini; bheka, nango udrako omkhulu obomvu, enamakhanda ayisikhombhisa nezimpondo eziyishumi, nasemakhanda akhe enemiqhele eyisikhombhisa. **Umsila wakhe wadonsa okwesithathu [se]zinkanyezi zezulu, waziphonsa emhlabeni….**  Isambulo 12:3-4

Ekuthatheni ingxenye yesithathu yezingelosi, amandla awalamanga enza loluphondo oluncane lwaba lukhulu kakhulu. Loluphondo lwakhula kakhulu

ngesikhathi uluntu lwalusiwa. Imvelo yomuntu yajovwa ngezimiso zamanga noma ngezimpondo zembuzi.

1. Ubutha kwiNdodana kaNkulunkulu. (Gen 3:12)
2. Ukukholwa ukuthi angeke sife nokufa. (Gen 3:4)
3. Ingqondo yenyama ingubutha emthethweni kaNkulunkulu. (Roma 8:7)
4. UNkulunkulu unesihluku, uyajezisa futhi uyalawula. (Gen 3:17-19)
5. [Eliphuma ephuzwini lesithathu] ubulungiswa bomthetho bubiza ukufa ngenxa yesiphambeko (Johane 19:7)

Kubalulekile ukuqaphela ukuthi ngesikhathi uSathane ehlela ukuchitha uluntu, wayenokungabaza; waqhaqhazela engazi noma kumele akwenze yini lokho.

> Waqhaqhazela ngomcabango wokubishisa laba ababili ababejabule futhi bengcwele ebuhlungwini nasosizini nasekuzisoleni ayebhekene nabo naye. Wabonakala esesimeni sokungabaza; ngesinye isikhathi kungathi umile usenqumile, ngesinye abonakale esentengezela. Izingelosi zakhe zazibheka umholi wazo, ukuze zizomazisa ngesinqumo sazo. Zizohlangana noSathane emacebeni akhe, kanye naye babhekane nemiphumela. USathane wasusa imizwa yakhe yokudangala nobuthakathaka, njengomholi wabo, wazimisela ukubhekana nodaba, nokuthi enze konke okusemandleni akhe ukuthi amelane negunya nokulawula kuka Nkulunkulu kanye neNdodana yakhe. 1SP 32

Siyatshelwa ukuthi izingelosi ezawayo zathi zizozihlanganisa noSathane ekuchitheni uluntu. Lezizimpondo ezine azigcini ngokumela amanga aqanjwa uSathane kodwa izingelosi ezihambha phambhili ezaqala ukuba amasosha akhe ekulweni noNkulunkulu neNdodana yakhe.

Kuyathathekisa ukuqaphela ukuthi ku 2 Samuweli 21:15-22 sinikezwa uhla lwezikhondlakhondla ezine ngaphandle kukaGoliyathi ezanqotshwa uDavide namadoda akhe.

> Labo bobane bazalwa ngamaRefa eGati; bawa ngasesandleni sika Davide nangesandla sezinceku zakhe. 2 Samuweli 21:22

Kungenzeka yini ukuthi uSathane wayezama ukukopela isihlalo sokubusa sikaNkulunkulu okumi phambi kwaso izidalwa ezine? Ingabe kukhona yini ukuxhumana phakathi kwamasosha akhe amane kanye nemimoya emine efuna vunguza emhlabeni? (Isambulo 7:1-3, Zakhariya 6:1-8). Futhi ingabe kukhona yini ukuxhumana phakathi kwabangase babengamasosha kanye nemibuso emine ehlukene echazwa kuDaniyeli 7 njengezilo ezine? Lezizilo zifanekiswa namakhosi amane.

> Lezo zilo ezinkulu ezine zingamakhosi amane ayakuvela emhlabeni. Daniyeli 7:17

Emlandweni walezizilo ezine, abantu abangamakhosi omhlaba abaningi babebusa esihlalweni, kodwa kokungabonakali noma emfihlakalweni ingabe bekukhona yini abantu abane njengombusi wasePheresiya eyayihola lamakhosi nemibuso yayo?

Lezi yizinto esingafunda ngazo, kodwa okusemqoka ilamanga ayisihlanu kaSathane, asekela amandla akhe, athwelwe uyena kanye nezingelosi ezine ezawa.

Isimo sikaSathane nezingelosi ezawa sasingahlehliseki. Babekholwa ukuthi uNkulunkulu wayengeke exolele. Lawa kwakungamanga ngesimilo sakhe. Bona besekukhanyeni kolwazi lwesimilo sikaNkulunkulu, kodwa umuntu wayesesimeni esihlukile.

> Kodwa noma eyisoni, umuntu wayesendaweni ehlukile kunaleyo eka Sathane. *ULucifer* ezulwini wona esekukhanyeni kwenkazimulo nesimilo sikaNkulunkulu. Kuyena ukudlula zonke ezinye izidalwa kwanikwa isambulo sothando lukaNkulunkulu.

> Esazi kahle isimilo sikaNkulunkulu, esazi ubuhle bakhe, uSathane wakhetha ukulandela intando yakhe egcwele ukuzicabangela, nokuzimela. Lokhu kukhetha kwasekunqunyiwe. Kwase kungasekho uNkulunkulu ayengakwenza ukuze amsindise. Kepha umuntu yena wakhohliswa; ingqondo yakhe yaphuphuthekiswa ubuqili bukaSathane. Ukuphakama nokujula kothando lukaNkulunkulu wayengakwazi. Kuyena lalikhona ithemba elwazini lothando lukaNkulunkulu. **Ngokubheka isimilo sakhe angaphinde adonseleke kuNkulunkulu.** {DA 761.5}

Umusa owadluliselwa kumuntu ngokumnika isikhathi, kwenza uSathane avuse izimiso zakhe zomusa ngokuthi ajezise ngokufa. USathane wayeshilo ukuthi sonke isono kumele sijeziswe. Wakhohlisa abantu nabo bakholwa ukuthi ukuze kuzotholwa ukuxolelwa, omunye olingana noNkulunkulu kwamele afe ukuze kwaneliseke okwakufunwa umthetho.

Njengoba sifundile ngaphezulu, lokhu kuhlukanisa kobulungiswa nomusa kwakunengeka kuNkulunkulu. Igama elithi ukunengeka kwisichaza-mazwi sika-*Webster* liletha inchazelo ethi *isinengiso*. Ngaleyondlela amanga obulungiswa obubiza ukufa asengqikithini nasensikeni yamanyala enchithakalo.

Ngaloluphondo oluncane lobulungiswa bamanga, uSathane wakwazi ukuzikhuphulela enkosini nasesukhulwini sebandla. (Daniyeli 8:11). Ukunikeza isifinqo salokhu ezulwini, ngicaphuna encwadini ethi *Key to Empowering the Third Angel's Message*:

1. **Ukuphika iNdodana ezelwe eyanikwa zonke izinto njengelifa.**
2. Okwaholela ekuphikeni impilo njengesipho.
3. **Okwaholela emfundisweni ukungafi okukithi.**
4. **Okwaholela emfundisweni ethi izingelosi zazingadingi mthetho ukuze uzilawulwe.**
5. **Okwenza umthetho kaNkulunkulu uvele ngathi unesihluku**

6. Okwenza uSathane ethi umusa awuhambhisani nobulungiswa ngoba izidalwa ezinokuhlakanipha kwazo zazingadingi umusa - zazinokuhlakanipha okwanele ukuzihola
7. Okwenza uNkulunkulu kubengathi akakwazi ukuba nobulungiswa abuye exolele.
8. Okwaholela uSathane ukuba atshele izingelosi ukuthi uNkulunkulu ngeke exolele.
9. Okwaholela uSathane ukuthi asho ukuthi sonke isono kumele sijeziswe.
10. **Okwaholela emqodweni wokuthi ubulungiswa bubiza ukufa noma bufuna igazi.**
11. Okusho ukuthi isisekelo sikahulumeni kaNkulunkulu singukuphoqa, hhayi uthando.
12. Okwavula umnyango esimisweni semihlatshelo yokubuyisana noma into ezojeza ngenxa yesono. – *{Key to Empowering the Third Angel's Message page 13.}*

Ukuze abuyisane nakho konke, nokuba kuyizinto ezisemazulwini nokuba ngezisemhlabeni (KwabaseKolose 1:20), loluhlelo lobulungiswa bamanga kwakumele lwembulwe. Iyodwa kuphela indlela eyokwenza lokhu, yayingeyokuvumela ukuba isono sikaSathane maqondana noKrestu sande. Ngesikhathi uKrestu ebethelwa esiphambhanweni, uSathane waveza ubutha bakhe, nendawo yethempeli lobutha bakhe yalahlelwa phansi.

> Yebo, lwazikhulisa kwaze kwaba nasesikhulwini sebandla, lwasaphuca *umnikelo oshiswa* imihla [yaphakanyiswa] yonke, nendawo yendlu engcwele [yaso] yaphonswa phansi. Daniyeli 8:11

> USathane wabona ukuthi ukusitheka kwakhe kudatshuliwe. Indlela yokusebenza kwakhe yavulwa phambi kwezingelosi naphambi kwezidalwa zonke zasezulwini. Waziveze njengombulali. **Ngokuchitha igazi leNdodana kaNkulunkulu, wazisiphuna ezinhliziyweni zezidalwa zasezulwini.** Kusukela manje umsebenzi wakhe wase unomkhawulo. Noma sisiphi isimo

> angasigqoka, wayengesoze akwazi ukulinda izingelosi ngesikhathi ziphuma emagcekeni ezulu, bese phambi kwazo emangalele abazalwane bakaKrestu ngokuthi bembhethe izingubo ezimnyama nezingcoliswe yisono. Ikhonco lokugcina lokuzwelana phakathi kwezingelosi kanye noSathane lagqabuka. { DA 761.2}

Ukukhula kophondo oluncane maqondana nesikhulu samabandla kukhulunywa ngokufa kukaKrestu esiphambhanweni.

> **Isikhulu samabandla**. Dan 8:25 Ukhuluma ngamandla afanayo amelene neNkosana yamakhosana. Kukhulunywa ngoKrestu uqobo, owabethelwa phansi kolawulo lwamaRoma. Bheka uDan 9:25; Dan 11:22. – SDA Bible Commentary on Dan 8:11

Ubutha bukaSathane bavela ngokuphakanyiswa kukaKrestu esiphambanweni (Johane 3:14). Kodwa lokho kwawisa indlu yakhe engcwele, inqaba yakhe yamanga, yawela phansi.

Lokhu kwenelisa izingelosi zasezulwini. Zabona ubutha bukaSathane buvele ngokuphelele, lonke uzwelo ababenalo ngaye lwaphela. Kodwa uluntu lalisalawulwa yilamanga obulungiswa mbumbulu. Lenkolelo edinga ukuthi uKrestu achithe igazi lakhe ukuze kweneliswe ubulungiswa isenhliziweni yobutha bukaSathane maqondana naye.

Yingakho uKrestu weza ukuzokhawula imihlatshelo neminikelo (Dan 9:27). Weza ukuzoveza isimilo sikaBaba njengogcwele umusa, ongafuni ukufa. Kodwa ukuze esuse lobutha ezinhliziweni zethu, uKrestu kwakumele enikwe umzimba onabo lobutha, bese ekulowo mzimba ebulale lobobutha.

# 15. Ukubulala Ubutha

Sibona lobubutha busebenza ngesikhathi uKhayini elahla u-Abela phansi “emnyathela” (Daniyeli 8:7), waze wambulala. Endabeni ka-Abela, wayegcwele ngoMoya kaKrestu, ngalokho emele inqama(iwundlu), kodwa

uKhayini wayegcwele umoya kaSathane, ophikisayo, ngaleyondlela umele impongo (imbuzi). Yilobu butha obusenhliziweni yabantu obudinga ukuhlanzwa ethempelini lomphefumulo. Njengokusho kuka-A*.T Jones* ngeqiniso elibangela ukuhlukana kubantu.

> Bonke abantu babehlukene noNkulunkulu kanti ekuhlukaneni noNkulunkulu kwabo babehlukene omunye nomunye. Kuyiqiniso, uKrestu ufuna ukubabuyisela bonke komunye; wathulwa emhlabeni "ngokuthula emhlabeni; kubantu abathokozelwa nguye [ukulunga]. Yilena inhloso yakhe. Kodwa ingabe uchitha isikhathi sakhe enza ukuthi abantu bebuyisane omunye nomunye, ezama ukubhidliza indonga ezibahlukanisayo nokuthi abenze bethi, "osekudlulile kudlulile; manje sizoyingcwaba imbhazo; manje sizoqala kabusha sivule ikhasi elisha bese siphila kancono kusukela manje"?
>
> UKrestu ubengakwenza lokho. Uma ebengakwenza lokho bayizinkulungwane abantu abengabathelela ukuthi benze lokho; bayizinkulungwane ayengabancenga ukuthi bethi, "ngiyabona ukuthi bekungekuhle ukuthi senzane kanjena omunye komunye, akulungile, futhi ngiyaxolisa. Manje asishiye ngemumva konke sivule ikhasi elisha siqhubekele phambili bese senza kangcono." Ubengenza ukuthi abantu bavumelane ngalokho. Kodwa ingabe bebezoqhubeka yini kukho? Chabo. Ngoba leyonto ebidale ukuhlukana kwasekuqaleni isekhona namanje. Yini ebanga ukwehlukana? Ubutha, ukuhlukana noNkulunkulu kubanga ukuhlukana omunye nomunye. Ngalokho besizoba yini isidingo sokuthi iNkosi uqobo izame ukwenza abantu ukuthi bahlangane, bebeke eceleni konke ukwehlukana ngaphandle kokuya ekujuleni nasempandeni yendaba ukuze isuse lobutha obudala ukwehlukana? Ukuhlukana kwabo noNkulunkulu kwabapoqa ekutheni bahlukane bona bebodwa. Iyodwa kuphela indlela ebingaqeda ukwehlukana kubona bekungukuqeda ukuhlukana

> kwabo noNkulunkulu. Lokhu wakenza ngokuxosha ubutha. A.T. Jones, *The Third Angel's Message*, Sermon 11, February 17, 1895

Ukuhlasela kwembuzi ilwa nenqama okwakumele ukuhlasela kuka - *Alexander the great* namaGerike elwa noDariwo wase Pheresiya nempi yakhe enkulu kuyisiboniselo salobutha obavutha esifubeni sikaSathane kwasekudlulela enhliziweni ka-Adama.

Ukuhlukana kwama Gerike namaPheresiya kusivezela ukwehlukana komuntu noNkulunkulu kakhulukazi inzondo kaSathane ngoKrestu. Yilokhu okudinga ukuhlanzwa ethabanakelini, okuxhumene kakhulu nabantu bonke noma namathempeli ayimiphefumulo yabantu emhlabeni.

Ingabe uNkulunkulu wabhekana kanjani nalobubutha?

> Ngokuba akunakwenzeka ukuba igazi lezinkunzi nelezimbuzi lisuse izono. Ngakhoke esefika ezweni uthi: "umhlatshelo nomnikelo awuwuthandanga, kodwa **ungilungisele umzimba**. Iminikelo yokushiswa nemihlatshelo ngenxa yesono awuyithokozelanga. Ngasengithi: "bheka, ngiyeza emqulwini wencwadi kulotshiwe ngami ukuba ngiyenze Nkulunkulu intando yakho." KumaHeberu 10: 4-7

U-Phawule ucaphuna kumaHubo 40:6 kodwa uchaza ingxenye yevesi ngamagama athi "umzimba ungilungisele wona." Lokhu kukhuluma ngoKrestu. UMsindisi wethu wathatha kuyena inyama yethu ebinalobubutha kuyona. UPhawule wachaza lokhu kwabaseFesu ngendlela elandelayo:

> Ngokuba yena ungukuthula kwethu, owenza kokubili kwaba kunye, nowabhidliza udonga olwahlukanisayo olungubutha, ngenyama yakhe ewenzile ize umthetho wemiyalo esezimisweni **ukuba adale kuyena labo ababili babe muntu munye omusha**, **enze ukuthula, enze futhi ukuba bobabili babuyisane babuyisana noNkulunkulu emzimbeni munye ngesiphambano, esebulele ubutha ngakho.** Weza washumayela ivangeli lokuthula

> kinina enanikude, yebo ukuthula nakubo abaseduze. Kwabase-Efesu 2:14-17

Imvelo kaKrestu ethambile yobunkulunkulu yaxubana nemvelo yethu youmuntu enobutha.

> Ingabe imvelo yeNdodana kaMariya yashintsha yini yaba yimvelo engcwele yendodana kaNkulunkulu? Chabo; izimvelo ezimbhili zaxubana ngendlela eyimfihlakalo emuntwini oyedwa - umuntu uKrestu uJesu. Kuyena bekuhlezi konke ukugcwala kobuNkulunkulu emzimbeni. Ngesikhathi uKrestu ebethelwa, kwakuyimvelo yomuntu eyafayo. UbuNkulunkulu abucwilanga bafa; lokho kwakungeke kwenzeke. — The S.D.A. Bible Commentary 5:1113.

> Njengokuba **uKrestu wasihluphekela enyameni, hlomani nani ukuqonda okunjalo**, ngokuba ohluphekile enyameni uyekile ukona, 1 Petro 4:1

Isiphambano uPhawule akhuluma ngaso akusiso lesi esibonakalayo kuphela, uJesu afela kuso. Impilo kaKrestu ibiyisiphambhano esiqhubekayo. UJesu uchaza isiphambhano njengokuzidela ngokwempilo.

> Khona uJesu wathi kubafundi bakhe: "uma umuntu ethanda ukuza emva kwami, makazidele athabathe isiphambhano sakhe, angilandele." Mathewu 16:24

UKrestu akazange avumele ubutha bemvelo yomuntu buvele. Wayebethelwa nsuku zonke. Wathandazela uMoya kaBaba wakhe ukuze enqobe imikhuba yenyama.

Okwenziwa uJesu esiphambanweni okubonakalayo kwalokho okwenzeka enhliziyweni yawo wonke umuntu. UKrestu ungukukhanya okukhanyisela wonke umuntu oza ezweni (Johane1:9). Labo abamukela uKrestu baphenduka abahlanganyeli bemvelo yakhe yobunkulunkulu. Ukuze uMoya kaKrestu uzoza kithi, kumele abhekane nobutha obukithi. Ukrestu uyagwazwa ubutha bethu,

kodwa uyasibekezelela lesisiphambhano aqhubeke nokuthela igazi lempilo yakhe noma uMoya [wakhe] phezu kwethu kuzekube sekubethelweni naye.

> Akuseyimi ophilayo, kepha uKrestu ophila kimi: kodwa ukuphila engikuphilayo kalokhu enyameni ngikuphila ngokukholwa okungukukholwa yiNdodana kaNkulunkulu eyangithandayo, yazinikela ngenxa yami. Galathiya 2:20

Kulabo abangamamukeli uKrestu, uyabethelwa yibo, kodwa akanikiwe ilungelo lokuvuka kubona. Bami emnyango, bagade ithuna likaKrestu bayamvimbela ukuba engavuki kwabafile ukuze abanike ukuphila okusha. Ngaphandle kukaKrestu, siyizitha futhi asazani noNkulunkulu.

> Ngakho khumbulani ukuthi nina enanikade ningabezizwe ngokwenyama, ababizwa ngokuthi abangasoki yilabo ababizwa ngokuthi abokusoka okwenziwa ngezandla enyameni, ukuthi ngaleso sikathi naningenaye uKristu, ningaphandle komphakathi wabakwa-Israyeli, ningabafokazi ezivumelwaneni zesithembiso, ningenathemba, futhi ningenaNkulunkulu emhlabeni. Efesu 2:11-12

Qaphela njengoba uPawule eqhubeka nokuchaza indlela esisondeza kuNkulunkulu. Ukuchaza ngezindlela ezimbili ezihlukile:

> Kepha, manje kuKrestu Jesu nina enanikade **nikude senenziwe abaseduze ngegazi likaKrestu.** Efesu 2:13
>
> Weza washumayela ivangeli lokuthula kinina **enanikude,** yebo, ukuthula nakubo abaseduze. **Ngokuba ngaye sinokungena sobabili ngoMoya munye kuYise.** Efesu 2:17-18

Uma kukhulunya nababesondele kushiwo amaJuda ayesondele eqinisweni kunabezizwe noma babesakude ngenxa yobutha ababenabo. Kodwa siyaqaphela ukuthi yigazi likaKrestu, elifanekiselwa uMoya wakhe osidonsela kuNkulunkulu.

# 13. Impi elethwe Kuye ngenxa yeziphambheko.

Njengoba sesishilo, indawo yethempeli likaSathane yalahlelwa phansi. Yayingasekho indawo yemibono yakhe ezulwini. Ubutha obabuvela emhlatshelweni kwasabalala phansi, kanti ngokwanda kwenkolo yesiKrestu, izizwe eziningi zayeka ukusebenzisa imihlatshelo enjalo. Kodwa ngobuqili bakhe uSathane waqhubeka nokulwa ngokudlulela esiphambekweni esinengekayo.

> Kwabekwa impi yokulwa nomnikelo oshiswa imihla yonke ngesiphambeko: lwaphonsa phansi iqiniso, lwenza njengentando yalo, lwaba nempumelelo. Daniyeli 8:12

Ngesikhathi inkolo yobuKrestu isabalala njengomjahi omkhulu wehhashi elimhlophe, uSathane wangena phakathi kwebandla ngoshefu lohlelo lobulungiswa obungamanga. Ngokwehlulela nokugxeka labo ababekholelwa izimfundiso zamanga, kanjalo ibandla lalahlekelwa uthando lwalo lokuqala (Isambulo 2:4). Umhlatshelo kaKrestu washintshwa waqondwa ngokuthi “ushaywa nokulinyazwa nguNkulunkulu.” Njalo-ke noma uhlelo lwemihlatshelo lukaSathane lobuhedeni lulinyaziwe, ngamandla eRoma, uSathane waletha elinye icebo lobumnyama; isinengiso esichithwayo.

> Izimpi ziyakuvela nayo, zingcolise indlu engcwele, inqaba [yamandla], zisuse umnikelo oshiswa imihla yonke, **zimise isinengiso esichithayo.** Daniyeli 11:31

USathane, njengochwepheshe wenkohliso, wangena phakathi kwebandla lamaKrestu bese edlala indawo yokuba yisithunywa esizosusa ubuhedeni ‘ngobukrestu’, kube kanti ngokweqiniso usebenzisa isimiso se-*Hegelian* sokuhlanganisa izinto ezimbili eziphikisanayo. Ngalesisenzo uSathane waphakamisa ubuhedeni wabugcokisa izingubo zobuKrestu kodwa kwabonakala sengathi uyabubhidliza. Kodwa kwaba ubuKrestu obususwayo ubuhedeni baphakanyiswa.

Enhliziweni nasengqikithini kwesinengiso esichithayo kunohlelo lobulungiswa bukaSathane obufuna ukujezisa zonke iziphambeko.

> Amandla okugxeka akaSathane amholela ekutheni asungulule **imfundiso yobulungiswa obungahambhisani nomusa**. Uthi ukhuluma njengelizwi namandla akaNkulunkulu, uthi izinqumo zakhe ziwubulungiswa, zihlanzekile futhi azinaphutha. Ngaleyondlela uthatha **isikhundla sakhe esihlalweni sokwahlulela bese ethi izeluleko zakhe azinaphutha.** Ilapho ubulungiswa bakhe **obungenamusa bungena khona, ubulungiswa mbhumbhulu, obunengekayo kuNkulunkulu nobumzondayo**. CTr 11.4

Njengoba besibalulile ekuqaleni, ubulungiswa bukaSathane obungenamusa buyanengeka kuNkulunkulu, noma buyisinengiso Kuyena. Ubulungiswa obungena musa bukaSathane buyigumbi lenjini yesiphambeko esichithayo sikaSathane. Izigidi zabhubha kuma-*crusades nama-inquisition* wamaRoma; ngenxa yokugwetshwa nokubulawa ngoba benqabe izimfundiso zalo. IRoma yasebenzisa amandla kahulumeni ukuze iphoqelele izimfundiso zayo. Yanakekela imfundiso yayo yokwanelisa ubulungiswa ngegazi lokuthobisa ulaka, okuyimfundiso amadodakazi ayo ayikhulisa lemfundiso ukuze ibe yi-*penal substitution*[7] namhlanje.

Isimiso somhlatshelo wokuthobisa [ulaka] esakhula ezinkolweni zobuhedenini saphakanyiswa ebandleni elidala okwabangela amandla achithayo abhubhisa izinhliziyo zabantu. Kwakuyisinengiso kuNkulunkulu ukubona izingane zakhe zivaleleka ukuza ekukhanyeni kwesimilo sakhe sangempela. Konke lokhu kwakunguku qhubekela phambili kobutha uSathane ayenabo ngoKrestu emakhasini omlando wabantu.

Uphondo oluncane lwembuzi (uSathane), lwaluzoqhubeka ukubusa imqama (uKrestu) ngohlelo lobulungiswa obungenamusa kuze kuphele iminyaka engu

[7] Bheka incwadi ebizwa *At-One-Ment* ekhona ku *www.maranathamedia.com*

2300 lapho khona iminyakazo yokugcina yayizoqala ukususa intukuthelo, ibulale ubutha ngokuqonda okuyikho kwevangeli eliphakade.

## 17. Ukuhlanzwa kwethempeli

Njengoba uDaniyeli ebheke ngokumangala umsebenzi wembuzi namandla ezimpondo zayo, umbono ushintshela engxoxweni ephakathi kwezidalwa ezimbhili zasezulwini.

> Ngase ngizwa ongcwele ekhuluma nomunye ongcwele wathi kulowo owakhuluma: "Uyakuba khona kuze kube nini lo mbono [*womnikelo oshisiwa*] imihla yonke, nesiphambheko esichithayo sokuba kukhashelwe indlu engcwele nempi, kunyathelwe phansi na? Wathi kimi: "koze kube yizikhathi zokuhlwa nezokusa eziyizinkulungwane ezimbili namakhulu amathathu; bese yihlanjululwa indlu engcwele."  Daniyeli 8:13-14

Umbuzo uyabuzwa "Koze kubenini lobubutha buqhubeka?" Imihlatshelo eshiswa *imihla ngemihla* uhlelo olusetshenziswa abahedeni. Kodwa ngizongeza kulokhu uhlelo oluphambene lwemihlatshelo olwalusetshenziswa abakwa Israyeli. U-Israyeli wayeqhubeka njalo ngokukhonza abanye onkulunkulu, futhi amehlo akhe ayengasaboni kahle ngendlela yokuthi noma benza kahle imihlatshelo babecabanga ukuthi uNkulunkulu uyena ofuna lezozinto. Kodwa njengoba sesibonile, uNkulunkulu akaze ayifune imihlatshelo, wayefuna ukuthi abantu balalele kuphela, bese beyamthemba.

Kodwa u-*Ellen White* uletha iphuzu ngokusetshenziswa kwegama elithi *imihlatshelo* kuDaniyeli 8 njengegama elifakelwe.

> Ngabona ukuthi maqondana ne "zinsuku zonke" (Dan8:12) igama elithi "imihlatshelo" lifakelwe ngokuhlakanipha komuntu, alingeni kulelivesi, nokuthi uNkulunkulu wanikeza inchazelo eqondile kulabo abamemezela ihora lokwahlulela. Lapho kwakukhona ukuzwana, phambi kuka1844, cishe bonke

> babehlangene embonweni oqondile ngo "kwansuku zonke"; kodwa ngokudideka okwaqala ngo1844, kwabanjwa eminye imibono, kwasekulandela ubumnyama nokudideka. Iskhathi asiphindanga saba yisivivinyo kusukela ngo 1844, futhi angeke size saba yiso. {EW 74.2}

Ukuqonda uDaniyeli 8 kwalabo abaphuma noma bahlubuka ebandleni lamaRoma kwakuletha umbono ka-*Antiochus Epiphanes*, umGerike owayebusa enyakatho ne-Israyeli owamisa imihlatshelo yethempeli iminyaka engaba ngemithathu. Igama elifakiwe elithi *imihlatshelo* lisiza ukusekela umbono wamakrestu amaningi. Ukuze sizofaka igama elithi yemihla yonke endaweni yalo, uEllen White watshengiswa ukuthi leligama lifakwe ukuhlakannipha komuntu. Lokhu kungoba lafakelwa ukusekela umbono wemihlatshelo ukuthi yamiswa eJerusalema yinkosi engumhedeni.

Kodwa uma siqonda ukuthi *yonke* imihlatshelo iyisibuko sobutha bomuntu maqondana noKrestu, siyibuke ngaleyondlela, ukufaka igama elithi imihlatshelo angeke kusaba nenkinga, ngoba vele konke kungubuhedeni. Kodwa uNkulunkulu wakhuluma no-Israyeli ngalesisibuko, ukuze bezozibona kanye nobutha obukubo. Kodwa u-Israyeli kanye nabahedeni, babekholwa ukuthi uNkulunkulu uyena obefuna lemihlathelo ukuze enelise ubulungiswa bakhe.

Umcabango onjena ungaphazamisa abantu abaningi, ukucabanga ngo-Israyeli enza amasiko abahedeni. Kodwa umlando wakwa Israyeli uveza khona ukuthi babewela ebuhedenini ngokuphinda-phindiwe. Lokhu kungenzeka kuphela ngoba babecabanga njengawo wonke umuntu.

Uma sibuka izinto ngalokhu kukhanya, siyabona ukuthi ukuhlanzwa kwethempeli kuwukususwa kwalobubutha. Kanti ukukhishwa kwalobubutha kungenzeka kuphela uma umuntu eqonda iqiniso ngesimilo sikaNkulunkulu, bese evumela uMoya kaKrestu; igazi lakhe ukuthi lisihlanze ebulungisweni bamanga ukuze sizokwamukela uphawu lukaNkulunkulu.

Ngaleyondlela kunokuhambisana phakathi kukaDaniyeli 8 no Efesu 2 maqondana nalokhu kuhlanzwa kwethempeli.

| Daniyeli 8 | Efesu 2 |
|---|---|
| Ngayibona isondela kakhulu enqameni, **yababa ngayo**, yayishaya inqama, yazaphula izimpondo zayo ezimbili; kwakungekho mandla enqameni okuma phambi kwayo, kepha yayiphonsa phansi, yayinyathela, kwakungekho ongayophula inqama esandleni sayo. Daniyeli 8:7 | Enanikade nihamba kuzo ngokwendlela yaleli zwe, ngokombusi wamandla omkhathi, ongumoya osebenza kubantwana bokungalaleli, esasikade sihamba phakathi **kwabo sonke ezinkanukweni zenyama yethu, senza intando yenyama neyengqondo; ngemvelo sasingabantwana bolaka njengabo abanye.** Efesu 2:2-3 NKJV |
| Ngase ngizwa ongcwele ekhuluma nomunye ongcwele wathi kulowo owakhuluma: "Uyakuba khona kuze kube nini lo mbono **[*womnikelo oshisiwa*] imihla yonke, nesiphambheko esichithayo** sokuba kukhashelwe indlu engcwele nempi, kunyathelwe phansi na? Daniyeli 8:13 | Ngenyama yakhe ewenzile ize **umthetho wemiyalo esezimisweni** [dogma – nemithetho yokubulawa] ukuba adale kuyena labo ababili babe muntu munye omusha, enze ukuthula. Efesu 2:15 |
| Wathi kimi: "koze kube yizikhathi zokuhlwa nezokusa eziyizinkulungwane ezimbili namakhulu amathathu; **bese yihlanjululwa indlu engcwele**." Daniyeli 8:14 | Enze futhi ukuthi bobabili babuyisane noNkulunkulu **emzimbeni munye** ngesiphambano, **esebulele ubutha ngakho.** Weza washumayela ivangeli lokuthula kinina enanikude, yebo ukuthula nakubo abaseduze. Ngokuba ngaye sinokungena sobabili **ngoMoya munye** kuYise**.** Ngakho aniseyibo abafokazi nezihambi, kodwa senimbuso munye nabangcwele, ningabendlu kaNkulunkulu, nakhiwe phezu kwesisekelo sabaphostoli nabaprofefthi, uKristu Jesu uqobo lwakhe eyitshe legumbi, okuhlanganiselwe kuye isakhiwo sonke, **sikhule sibe yithempeli elingcwele eNkosini**, okukuyo nani, nakhiwe kanye nabanye, ukuba nibe yindlu kaNkulunkulu ngoMoya. Efesu 2:16-22 |

Ku Epfesu 2, ithempeli lingahlanganiswa kuphela uma ubutha sebubulewe. Ukuze ubutha bubulawe kithina, kumele samukele uMoya noma igazi leqiniso likaKrestu.

Kodwa ukuze abantu bephawulwe emabunzini ngeqiniso lesimilo sikaNkulunkulu, kumele bahlukanise amanga aqukethwe izimpondo zembuzi, uSathane. Uma sisakholwa amanga kaSathane, siyizigqila zakhe. Umoya kaJesu awukwazi ukusenza abanqobi besono kuze kube siyakhululwa ezingqondweni zethu kulawamanga.

Ekupheleni kweminyaka engu 2300, okwenzeka ngo 1844, kwaqala umyalezo ozombula lamanyala kwabangela ukuwa kweBhabhiloni. Umyalezo wengelosi yesithathu isihlinzekela ngesibiba ezimpondweni zembbuzi.

Kunezigaba ezinhlanu zombiko wengelosi yokuqala [oyinxenye yokuqala yombiko wengelosi yesithathu]. Lemininingwane icaciswa kabanzi ezincwadini *Key to Empowering the Third Angel's Message* no-*Escaping the Pentagon of Lies*.

1. **Ingelosi inevangeli Eliphakade.** Iqiniso lomthetho kanye nevangeli elibhala umthetho ezinhliziweni zethu. (**iphendula amanga ngomthetho kaNkulunkulu**)
2. **Ithi mesabeni uNkulunkulu…** Lomlayezo uphendula umbuzo othi ungubani omele esatshwe. Imfundiso kaNkulunkulu oyiziqu zintathu nazozonke izinkolo eziphika iNdodana ezelwe ziyembulwa kulomyalezo. UNkulunkulu weqiniso oseBhayibhelini uneNdodana eyazalwayo [qala ngoNkulunkulu, okwesibili ngoMariya] (**kuphendulwa ngamanga maqondana nesiqu nemvelaphi yeNdodana kaNkulunkulu**)
3. **Nimnike inkazimulo….** Lomyalezo ukhuluma ngesimilo sikaNkulunkulu. Indlela kuphela esingazi ngayo isimilo sikaNkulunkulu nguJesu Krestu, ngoba wathi kuJohane 17:4 umkhazimulisile uBaba noma uyivezile inkazimulo yakhe. UPhawule uthi uKrestu ungukumenyezela kwenkazimulo kaBaba. UKrestu akaze wabulala muntu, futhi lesi yisimilo sikaNkulunkulu sambuliwe. Yilona umyalezo

okumele uye emhlabeni, umyalezo ozokhiqiza uphawu lukaNkulunkulu, okuyigama likaBaba. (**kuphendulwa amanga maqondana nesimilo sikaNkulunkulu**)

4. **Ihora lokwahlulela [noma ukwahlulelwa] kwakhe…** Lolu ubizo lokwehlulela isimilo sikaNkulunkulu. Ingabe uluthando impela (Agape) oluphayo ngemvelo yalo, noma unguNkulunkulu ophoqayo nothanda ukulawula, obabulalayo labo abamelana naye? Ngendlela esimehlulela ngayo, kanjalo nathi sizozahlulela umasesibhekene nezimpilo zethu ezigcwele isono. (**kuphendulwa amanga ngobulungiswa obungesibo** – amanga ophondo oluncane)
5. **Nimkhonze lowo odale izulu nomhlaba…** Lolu ubizo lokuthi sikhonze sihloniphe uMdali, sihloniphe osinika ukuphila. **(Lokhu kuphendula amanga athi sinokuphila ngokwethu noma ngaphandle kwakhe uNkulunkulu)**

Yonke izingxenye yalomyalezo iphendula amanga kaSathane, idilize umbuso wakhe, okubangela ukuwa kweBhabhiloni. Ubulindi baqala ukunikeza lombiko ngo 1848 emveni kwemihlangano eminingi kudingidwa izisekelo ezisemqoka zalomyalezo. Kodwa umlayezo awuhambanga ngezwi elikhulu kwaze kwaba ngomyalezo ka1888

> Wonke umuntu othi ulindele ukubuya kweNkosi okuseduze, akahlole IMbhalo ngendlela angakaze ayihlole ngayo; ngoba uSathane uzimisele ukuzama ngazo zonke izindlela angazama ngazo ukugcina imiphefumulo ebumnyameni, bese ephuphuthekisa izinqondo ngezingozi zezinsuku esiphila kuzo. Wonke umuntu okholwayo akathathe iBhaybheli lakhe ngokukhuleka okujulile, **ukuze ekhanyiselwe uMoya oyingcwle ukuthi liyini iqiniso, ukuze emazi kabanzi uNkulunkulu noJesu Krestu amthumileyo.** Hlolisisa iqiniso njengencebo efihlekile, ujabhise isitha. **Isikhathi sokuvivinywa siphezu kwethu, ngoba ukukhamuluka okukhulu kwengelosi yesithathu sekuqalile ngokwembulwa kokulunga kukaKrestu, uMhlengi oxolela izono. Lokhu kuwukuqala kokukhanya kwengelosi onkazimulo yayo**

**izogcwalisa umhlaba wonke.** Ngoba kungumsebenzi wawowonke umuntu okufike kuyena umyalezo, ukuphakamisa uJesu, ukumletha emhlabeni njengalokhu embuliwe emifanekisweni, nasezibonakalisweni njengoba kuveziwe ezambulweni zabaprofethi, njengalokhu kwembuliwe ezifundweni ezanikwa abafundi ezimangalisayo ezenzelwa abantwana babantu. Hlolani imibhalo; ngoba yiyona efakaza ngaye. RH November 22, 1892, par. 7

Lomyalezo wanqatshwa libandla Labalindi

Ngakho-ke imvula yokugcina—ukukhamuluka okukhulu—ngokubufakazi kanye nemibhalo, “yimfundiso yokulunga,” njalo “ngokulunga.” “Manje bazalwane, uqale nini lomyalezo wokulunga kukaKrestu, uqale nini ngathi silibandla?” [ oyedwa noma ababili kwabalalele: “iminyaka emithathu noma emine edlule.”] ‘yikuphi emithathu noma emine?’ [Ibandla: emine] Yebo, emine. ‘Kwakukuphi?’ [Ibandla: *Minneapolis*.] ‘Kuyini okwanqatshwa abazalwane *eMinneapolis*?’ [ Abanye kwabahlezi: umyalezo wokukhamuluka okukhulu.] Uyini lowomyalezo wokulunga? Ubufakazi busitshelile ukuthi uyini; ukukhamuluka okukhulu--imvula yokugcina. Manje-ke yini le abazalwane ababekulesimo esisabekayo ababemi kuso abayiphika *eMinneapolise*? Baphika imvula yokugcina—ukukhamuluka okukhulu kombiko wengelosi yesithathu. {February 7, 1893 ATJ, GCDB 183.5}

Kodwa u-*Ellen White* wakhonjiswa ukuthi umyalezo uzophinda ubuye.

Manje kuza izwi ebengilikhulumile ukuthi *iNew York* izoshanyelwa yigagasi elinamandla. Lokhu angikaze ngikusho. Nakhu engikushilo, umangibuka lezizakhiwo ezikhulu eziqhubekayo laphaya, izitezi phezu kwezinye: **‘Izehlakalo ezinzima kanjani ezizokwenzeka uma iNkosi iphakama ukuzonyakazisa ngokwesabekayo umhlaba! Kuzobe sekugcwaliseka amagama**

> **akwiSambulo 18:1-3.'** Isambulo 18 isahluko sonke siyisixwayiso salokho okuzofikela umhlaba. Kodwa **anginakho ukukhanya maqondana nokuzokwenzeka *eNew York*, kuphela engikwaziyo ukuthi ngolunye usuku izakhiwo ezinkulu lapho ziyodilikela phansi ngokuphenduka nokuphendu-phenduka kwamandla kaNkulunkulu.** Life Sketches 411

Kusukela ngonyaka u2001, ukukhamuluka okukhulu kwengelosi yesithathu kwabuya. Manje simenyelwa ekutheni sihlambulule amathempile ayimphefumulo yethu kuphume ubutha bobulungiswa bamanga bukaSathane. Ukuze sizokwazi ukwamukela uMoya kaJesu okuyigazi lakhe, simele ukwazi igama lakhe; okusho ukuthi kumele sazi ukuthi uyiNdodana ezelwe nokuthi akanabudlova futhi akalahlimuntu nakancane. NJengalokhu sikhulekela uMoya wakhe, sizobona izono zethu, ukulunga, kanye nokwehlulela (Johane 16:8). Sizobona indlela esehlulela ngayo thina, nendlela esilahla abanye ngayo; sizothotshiswa othulini, silungele ukwamukela igazi eliyigugu likaJesu ezinhliziweni zethu.

# 18. Intukuthela Eyambulwa yi-Enadi

Ivangeli eliphakade okukhulunywa ngalo kwwi Sambulo 14 liveza izinongo ezidingekayo ukuze iBhabhiloni liwe ezimpilweni zethu, nokuthi lisikhulule ebutheni bukaSathane. UJesu usitshela ukuthi konke lapho lelivangeli eliyoshunyayelwa khona, lokhu uMariya amenzela khona kwamele kushiwo njengesikhumbhuzo sakhe.

> Ngiqinisile ngithi kini: Nomaphi lapho liyakushunyayelwa khona leli vangeli ezweni lonke, kuyakukhulunywa nangalokho akwenzileyo, kube yisikhumbuzo ngaye." Mathewu 26:13 NKJV

Kulendaba kaMariya ewasha izinyawo zikaJesu ngamafutha aligugu sithola kwambuliwe izigaba zokuthi izinhliziyo zethu zizozhlanzeka kanjani. UMariya wabanamava  entokoza yokuxolelwa. Wamukela ngokukholwa okulula amazwi

oMsindisi wakhe. Ngokuveza uthando analo ngoMsindisi wakhe, waba yisithunywa sokwenza ubutha obusezinhliziweni zabafundi bubonakale.

> Kuthe uJesu eseBhethaniya endlini kaSimoni owayenochoko, kwafika kuye owesifazane ephethe umfuma we-alabaste wamafutha anenani elikhulu, wawathela ekhanda lakhe ehlezi ekudleni. Kepha **Kuthe abafundi bakhe bebona lokho bathukuthela, bathi: "kwenzelwani lokho kuchitha na?** Ngokuba lokho nga kuthengisiwe ngokukhulu, kwaphiwa abampofu." Mathewu 26:6-9

Umoya wokulahla, umoya wokwehlulela odala intukuthelo uyisithelo sobulungiswa bamanga. Ngisho nanoma bekuthiwa abafundi bebecabanga ukuthi izenzo zakhe zinamawala, kungani babengamdabukeli, bese beyamkhuthaza? Yindaba bemcasukela ngalento ayenzile? Ukuvezwa kothando olugeleza luvela enhliziweni kaMariya, kwaveza ukungabongi okusezinhliziweni zabafundi, kakhulikazi uJuda.

> Umsebenzi kaMariya wawuyisifundo esasidingwa abafundi ukuze bebone ukuthi ukuveza nokubonakalisa uthando lwabo kuYena kwamukelekile futhi kuyamthokozisa uKresu. Wayeyikho konke kubo, kanti babengekaboni ukuthi masinyane babezomphucwa, ukuthi maduze nje babengeke besakwazi ukumvezela ukubonga kwabo ngenxa yothando lwakhe olukhulu. Isizungu sikaKrestu, ehlukaniswe namagcekeni asezulwini, ephila impilo yoluntu, konke lokhu akuqondwanga noma kwabongwa abafundi ngendlela okwakumele bambonge ngayo. Wayevame ukuzwa ubuhlungu ngenxa yokuthi abafundi babengamniki lokhu okwakumele ngabe bamnika khona. Wayesazi ukuthi umangabe babengaphansi komthelela wezingelosi zasezulwini ezazimphelekezele, nabo bebengeke becabange umnikelo owanele [ngoba vele awukho; singamenzelani na!] ukuveza uthando lomoya oluvela enhliziweni. {DA 565.1}

Ukuthaphuka kwephunga le-nade lwaluyisibonelo esifanele nesiphelele esokuveza ukubonga okwakusenhliziweni kaMariya. Ngesikhathi abafundi behogela iphunga elimnandi, babhekana nqo! namava ababengenawo. Kakhulukazi uJuda wazizwa edelelekile yilesisenzo sothando olungena mbandela.

> Incebo eyayisesikhwameni yayivame ukukhishelwa ukusiza abampofu; futhi umakukhona into ethengwayo uJuda acabanga ukuthi ayibalulekile, ubezothi, kungani kumoshwa? Kungani lentengo ingafakwangwa esikhwameni engisiphathele abampofu? **Manje isenzo sikaMariya sasiphikisana nokuzicabangela kwakhe ngendlela yokuthi wabanamahloni**; futhi njengokomkhuba wakhe, wazama ukuveza inhloso efunelekile yokuphikisa lesisipho sakhe (Mariya). Ephendukela kubafundi, wabuza wathi, "kungani lamafutha engadayiswanga ngamapeni angamakhulu amathathu, bese kwabelwa abampofu? Lokhu wakusho, hhayi ngoba ebakhathalela abampofu; kodwa ngoba wayeyisigebengu, futhi engumphathi weskhwama, enokuzibonga ngalokhu okuphakathi." DA 559.2

UJuda ubizwa ngendodana yokulahlwa nguJesu. UPhawule uthatha leligama elisebenzise emuntwini wesono.

> Lapho ngise nabo ezweni, ngabagcina egameni lakho labo ongiphe bona, ngabalonda; akakho kubo owalahleka, kuphela indodana yokulahlwa, ukuba kugcwaliseke umbhalo. Johane 17:12

> Makungabikho muntu onikhohlisayo nangayiphi indlela; ngokuba aliyikufika [usuku lokuzwa kweNkosi], kungaveli kuqala ukuhlubuka, kwambhulwe umuntu ongenamthetho, indodana yokulahlwa. 2 Thesalonika 2:3

Ubugovu bukaJuda ngemali, kanye nobuqili bakhe buveza umsebenzi womuntu wesono. Eminyakazweni yokugcina yomlando womhlaba

esizoqhuma phezukwethu, thina [esing]owesifazane ohluphekile; thina bandla elimpofu nelibuthakathaka elinganakiwe amanye amakrestu, sizoveza uthando lukaKrestu ngezenzo zethu ngendlela ezovele icasule ithukuthelise uPapa kanye namabandla awile.

Njengoba uJuda wathatha izinyathelo ezamholela ekubhujisweni kwakhe, kanjalo noPapa uzothatha izinyathelo ezizokwenza amakhosi omhlaba amshise ngomlilo (Isambulo 17:16). Abanye abafundi abamele abahlubuki bakwamanye amabandla awileyo abathanda uJesu ngokweqiniso bazokhokha intengo yokuphika iNkosi yabo nokumbalekela ngehora lokulingwa kwayo ngesiqu sabazalwane bakhe.

Kodwa iningi labo lizobona isimilo sabo ngokweqiniso, kanye nobutha abanabo. Bazobe sebeyakuvuma lokho, bese ithempeli lomphefumulo wabo liyahlanzwa. Bazobamba uMoya kaJesu bese begcwaliswa ngezithako nezici zakhe ezeqiniso.

Kwangathi singathatha manje izinyathelo zokuhlanzwa kulobubutha bethu. Asiluyekeni uhlelo lobulungiswa bamanga; asigcwaleni ukumbonga uJesu ngesimilo sakhe esimnandi nesihle njengesambulo sikaBaba. Asiphuzeni igazi lemvana, uMoya wakhe omnandi nothambile, elingenabutha, nelingena bulungiswa mbumbulu kodwa olunothando kuphela.

# Ukuhlanzwa ngegazi Lika Jesu

Kwenzekani kulabo abangamamukeli uJesu njengeNkosi noMsindisi? Abaqali bendlela banokuningi kulesisihloko ngoba babebhekene nemibono embili ephikisanayo. Ibandla eli*Orthodox* ebelithi ababi bazobhubha esihogweni unomphela ngakolunye uhlangothi kunabanombono othi umuntu wonke uzosindiswa.

Imfundiso Yabalindi yokubhubha komphefumulo nokuhlanzwa kwethempeli, ukwehlulela, ukusulwa encwadini yokuphila kanye nokubuyisana kokugcina kuletha impendulo embuzweni yesiphetho sababi sicace.

Isihloko kukhulunywe ngaso kaningi. Ekukhulumeni nama *Universalists* kanye nabakholelwa ekubhubheni okuphakade, indawo ebanjwe Abalindi isekelwe amaqiniso eBhayibheli.

Lamaphepha ahlanganiswe njengesikhumbhuzo kulabo abahamba phambi kwethu ukuze babeke isisekelo esingeke sanyakaza seqiniso. Asakheni esisekelweni sabo nathi sisindiswe